



ikhomishini yezokuhlela
yesifundazwe

ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL

IHHOVISI LIKANDUNANKULU



**IQHINGASU ELIMAQONDANA
NOKUKHULA KANYE NOKUTHUTHUKISWA
KWESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI LOWEZI**

Isihumusho Esifinyeziwe

2021

**SIKHULISA
IKWAZULU-NATALI
NGOKUBAMBISANA**

KZN Provincial Government

@kzngov

kzngov

www.youtube.com/kznonline



ISBN number: 978-1-920041-85-4

Okuqukethwe

1. ISINGENISO KANYE NENDLELA ELANDELWAYO	2
1.1 Isingeniso	2
1.2 Indlela Yokuhlela Ngokuqondanisa Ukubuyekwezwa KweQhinganisu Elimaqondana Nokukhula kanye Nokuthuthukiswa Kwesifundazwe saKwaZulu-Natali.....	4
1.3 Iminxa Ekugxilwe Kuyo Ebandakanya Zonke Izinhlelo- Abantu Abasengcupheni Nababuthaka.....	5
1.4 UHLAKA Lokuthuthukiswa Kwendawo Lwesifundazwe (i-PSDF).....	5
1.5 Imiklamo Engungqaphambili	5
1.6 UHLAKA LWESIKHUNGO.....	6
1.7 Ukuqapha Nokuhlola	6
2. UMBONO, IMPOKOPHELO KANYE NEZINHLELO EZISEQHULWINI NGOKWAMASU OKUSEBENZA AKWAZULU-NATALI	7
2.1 UMBONO.....	7
2.2 Izinhlelo Ezisequlwini Ngokwamasu Okusebenza Esifundazwe	7
Uhlelo Olusequlwini 6: Ukuhlalisana Ngokuthula Komphakathi kanye noMphakathi Ophephile8	
Uhlelo Olusequlwini 1: Ukwakha uhulumeni onekhono, oziphatha kahle nothuthukayo	8
Uhlelo Olusequlwini 2: Ukulethwa koguquko Kwezomnotho nokudala amathuba omsebenzi	10
Uhlelo Olusequlwini 3: Ezemfundo, Amakhono kanye Nezempilo.....	15
Uhlelo Olusequlwini 4: Ukuhlanganiswa Kwamaholo Omphakathi ngokuhlinzeka izidingongqangi zomphakathi ezethembekile nezisezingeni.....	23
Uhlelo Olusequlwini 5: Ukudidiyelwa Kwezindawo, Ezokuhlaliswa Kwabantu kanye noHulumeni Wendawo	25
Uhlelo Olusequlwini 6: Ukuhlalisana Ngokuthula Komphakathi kanye noMphakathi Ophephie.....	36
Uhlelo Olusequlwini 7: I- Afrika kanye noMhlaba Ongcono	42

1. ISINGENISO KANYE NENDLELA ELANDELWAYO

1.1 Isingeniso

IQhingaswe Elimaqondana Nokukhula kanye Nokuthuthukiswa Kwesifundazwe (i-PGDS) liyinsiza esemqoka engumhlahlandlela weSifundazwe saKwaZulu-Natali wokufezekisa umbono i- Vision 2030. Ngenkathi kuhlangukiswa okokuqala iQhingaswe Elimaqondana Nokukhula kanye Nokuthuthukiswa Kwesifundazwe, ngonyaka wezi-2011, zonke izinhlelo okusetshenziswa nazo kanye nababambiqhaza esiFundazweni saKwaZulu- Natali bakuvuma ukuthi lolu hlelo lwethu luqondiswa ikakhulu nguMbono kanye naMasu Okusebenza esikhathi eside. Leli Qhingaswe libuyekwezwa njalo emva kweminyaka emihlanu. Ukubuyekwezwa okwedlule kwenziwa ngonyaka wezi- 2016.

Ukubuyekwezwa kwangonyaka wezi-2021 kwenzeka ngesikhathi lapho umhlaba, iNingizimu Afrika ngokunjalo neSifundazwe saKwaZulu-Natali kukhungekethe izinselelo eziningi. Luningi ushintsho oselube khona kusukela ngonyaka wezi-2016. Sekube nezinguquko kuzinqubomgomo ezisebenza lapho kufanele khona esifundazweni. Izinhlelo eziseqhulwini izakhamuzi zeSifundazwe ezilindele ukuba iqhingaswe libhekane nazo zithathiselwe ocwaningweni olusha nezifundo ezitholakele empumelelweni nasekuhlulekeni kokusebenza kohlelo ngokunjalo nemibono evela kubo bonke ababambiqhaza.

Umhlahlandlela wenqubomgomo uthathiselwe kumiyalelo esemqoka embalwa, okubalwa kuyo:

- 1) Izingongo zeNhlangothi Yezizwe Ezihlangene Zentuthuko Ezinzile (ama-SDG);
- 2) Izingongo Zohlelo Lobumbano lwase-Afrika zika-2063
- 3) Uhlelo Lwentuthuko lukaZwelonke (i-NDP);
- 4) Uhlaka Lwamasu Okusebenza Lwesikhathi Esimaphakathi lowezi-2019-2024 (i-MTSF); nanjengalokhu luyekwezwe ngonyaka wezi-2020
- 5) Izinhlelo Ezibekwe Eqhulwini Esifundazweni Eziyisishiyagalombili njengalokhu zamenyezwe ngubuhlobo boMbuso Wentando Yabantu Wehlandla Lesithupha.
- 6) Imigomo yoMthetho Wezokuhlalela Kwezindawo kanye Nokulawulwa Kokusetshenziswa Komhlaba (i-SPLUMA).
- 7) Imigomo yohlelo lwe-Operation Sukuma Sakhe (i-OSS); kanye nokuhlalela kwalo luhambisane nohlelo Lwentuthuko Olugxile Ezifundeni (i-DDM).

Izinhlelo Eziseqhulwini kaZwelonke	ku-MTSF	Izinhlelo Eziseqhulwini zesiFundazwe
Uhlelo Oluseqhulwini 1: Uhulumeni Onekhono, Oziphatha kahle noThuthukayo		Uhlelo Oluseqhulwini 8 - Ukwakha uHulumeni Onakekelayo nongenaNkohlakalo
Uhlelo Oluseqhulwini 2: Ukulethwa koguquko Kwezomnotho kanye nokusungulwa kwamathuba emisebenzi		Uhlelo Oluseqhulwini 2 – Ukusungulwa kwamathuba emisebenzi Uhlelo Oluseqhulwini .3 -Ukukhulisa umnotho Uhlelo Oluseqhulwini 4 – Ukukhulisa osomabhizinisi abasafufusa (ama-SMME) kanye nemifelaIndawonye
Uhlelo Oluseqhulwini 3: Ezempilo kanye nezeMfundo		Uhlelo Oluseqhulwini 5 – Ezemfundo kanye nokuThuthukiswa Kwamakhono
Uhlelo Oluseqhulwini 4: Ukuhlangukiswa kwamaholo womphakathi ngokuhlazeka izidingongqangi zomphakathi ezithembekile		Uhlelo Oluseqhulwini 1 – Ukuhlinzekwa Kwezidingongqangi Zomphakathi

Izinhlelo kaZwelonke	Eziseqhulwini ku-MTSF	Izinhlelo Eziseqhulwini zesiFundazwe
nezisezingeni		
Uhlelo Oluseqhulwini 5: Ezokudidiyelwa Kwezindawo, ezokuhlaliswa Kwabantu kanye nohulumeni wendawo		Uhlelo Oluseqhulwini 6 – Ezokuhlaliswa Kwabantu kanye nokuphila impilo esimeme
Uhlelo Oluseqhulwini 6: Ukuhlalisana Ngokuthula Komphakathi kanye noMphakathi Ophephile		Uhlelo Oluseqhulwini 7 – Ukwakha uHulumeni Onakekelayo nongenaNkohlakalo
Uhlelo Oluseqhulwini 7: I-Afrika kanye noMhlaba Ongcono		Uhlelo Oluseqhulwini 3 - Ukukhulisa Umnotho Uhlelo Oluseqhulwini 7 – Ukwakha isiFundazwe Esinokuthula

Ulwazi olulapha luthathiselwe kumithombo eyahlukahlukene, okubalwa kuyo:

- Ukubuyekezwa Kweminyaka Engamashumi Amabili Nanhlanu kukaZwelonke kweminyaka we-1994 - 2019;
- Ukubuyekezwa kwe- NDP okwenziwe yi- NPC;
- I-Statistics South Africa (Stats SA) sowezi-2015 kanye neMibiko Yocwaningo Lokweneliseka Kwezakhamuzi lowezi-2018;
- Imibiko Yokuqalisa Kokusebenza kwe-PGDS;
- Ukubuyekezwa Kokusebenza Kwesifundazwe kowezi-2014-;
- Uhlolajikelele Lwesimo Senhlahomnotho yaKwaZulu-Natali;
- Ukuhlaziywa Ngokwamasu Okusebenza kwezi-2016; Izigaba Ezifanele ze-PGDS yowezi-2016;
- Ukubuyekezwa Kweminyaka Emihlanu kweKwaZulu-Natali kweminyaka wezi-2014 - 2019;
- Ulwazi olucashunwe emihlanganweni ebanjwe ngokobuxhakaxhaka besimanje (i-webinar) emaqondana ne-PSDF;
- Imiphumela yocwaningo yokuqala emayelana nomthelela yobhubhane i-COVID-19;
- Izinto ezafundwa kuzibhelu zangoNtulikazi kanye nezindaba okuthathiselwe kuzo izinhlelo zokubuyisela isimo kwesijwayelekile;
- Imibono eyatholakala ezinhlelweni zokubonisana;
- Izibalo Ezibuyekeziwe (u-STATS SA; u-GCIS zangoNtulikazi wezi-2021).
- I- MTSF Ebuyekeziwe yonyaka wezi-2019-2024 (ngomfumu wezi- 2021)

Le minxa yelekelele ekuhlonzeni izimo ezikhona esifundazweni, yabe isihlaziya yaqhathaniswa nezinhlelo ezimaqondana nokusimama olubizwa ngama-Sustainability Models efaka:

- 1) Isimo Sezemvelo;
- 2) Isimo Senhlalo kanye nokuThuthukiswa Kwabantu;
- 3) Isimo Sezomnotho;
- 4) Isimo Sengqalasizinda;
- 5) Isimo Sokuthuthukiswa Kwendawo; kanye
- 6) neSimo Sokubusa noma uKwengamela

1.2 Indlela Yokuhlela Ngokuqondanisa Ukubuyekezwa KweQhinganisu Elimaqondana Nokukhula kanye Nokuthuthukiswa Kwesifundazwe saKwaZulu-Natali

Leli qhingasus lithathiselwe “endleleni egxile emiphumeleni”, labe selihlelwa ngokuhambisana ne-MTSF yonyaka wezi- 2019-2024 (njengalokhu ibuyekeziwe). Le ndlela yakhela phezu kweMithethelela, ImiPhumela kanye Nezinhlelo Zokungenelela ze-MTSF kaZwelonke – lenziwa lahambisana nesimo saKwaZulu-Natali.

Igciniwe Imigomo yonyaka wezi-2011 yokusungula uMbono weminyaka engama-20, iminyaka emihlanu kanye noMjikelezo Wokuhlelela Unyaka, kanti ivezwe lapha ngezansi:

Uhlaka lukaHulumeni	UMbono weminyaka engama-20	Umjikelezo weminyaka emi-5	Umjikelezo wonyaka owodwa
lukaZwelonke	i-NDP	i-MTSF (5 years)	Ukusebenza kwe-MTSF yoNyaka
lweSifundazwe	i-PGDS	i-PGDS (5 years)	i-PGDP/ UHlelo Lokuqaliswa kokusebenza kwe- MTSF
lukaMasipala	i-DDM	Uhlelo Olulodwa lwe-DDM	Izinhlelo Zentuthuko Edidiyelwe Zonyaka (ama-IDP)

1.3 Iminxa Ekugxilwe Kuyo Ebandakanya Zonke Izinhlelo- Abantu Abasengcupheni Nababuthaka



I-NDP Vision 2030 kanye ne-PGDS iqhakambisa iqhaza elisemqoka okumele libanjwe ngabantu besifazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile emphakathini kanjalo nobumqoka bokuqinisekisa ukuthi kuba nomphakathi ozinzile. Kumele abantu abasengcupheni nababuthaka babandakanywe kuzo zonke izingxenye okugxilwe kuzo, bafakwe kuyo yonke iminxa yokuthuthukiswa kwesifundazwe, kuzona zonke izinqubomgomo kanye nezinhlelo. *Iminxa okugxilwe kuyo ebandakanya zonke*

izinhlelo ibalulwe ngaphansi kohlelo ngalunye oluseqhulwini.

1.4 UHlaka Lokuthuthukiswa Kwendawo Lwesifundazwe (i-PSDF)

Ngenkathi i-PGDS ibalula ukuthi YINI, i-PSDF ihlonza ukuthi KUPHI

- I-PGDS ibalula ukuthi YINI okumele yenziwe.
- Ithathiselwe esimweni sendawo (ukuthi KUPHI)
- Iyakuqonda ukuthi imihlomulo yezomnotho, ezenhlalo nezemvelo (nemikhawulo yakhona) ayabiwe ngokulinganayo esifundazweni sonke.
- Lokhu kumele kubhekelelwe ukuze kufakwe izinhlelo zokungenelela ezifanele ezindaweni ezifanele, ngokuqhathanisa ubuhle nobubi bezindawo ezahlukeni KwaZulu-Natali.
- Ukubuyekezwa kokuthi YINI kumele kubhekelele nokubuyekezwa kokuthi KUPHI.

Uhulumeni wesiFundazwe usezinhlelweni zokubuyekeza i-PSDF ukuze ihambisane ngokuphelele ne-SPLUMA (uMthetho Wezokuhlelwa Kwendawo kanye Nokulawulwa Kokusetshenziswa Komhlaba, uMthetho No.16 wezi-2013). Uma nje seyikhona i-PSDF ebuyekeziwe, kuyobe sekulungiswa ne-PGDS ukuze ibandakanye i-PSDF entsha. Ngakho-ke, kusaqhutshekwa nokusetshenziswa i-PSDF yowezi-2016, emizamweni yokuphucula ukudidiyelwa kwezindawo phakathi kweminyango kaZwelonke, neyeSifundazwe kanjalo noMasipala Bezindawo.

1.5 Imiklamo Engungqaphambili

Umklamo Ongungqaphambili ungachazwa ngokuthi yilowo mklamo wezinga eliphezulu nobanzi ngendlela yokuthi uzoba negalelo elibonakalayo futhi ufake isandla ekuphumeleleni kweZitatimende Zomthelela Wesifundazwe. Ubumqoka bokuthi umklamo ubizwe ngonguNgqaphambili ngokuthi kuzoqinisekisa ukuthi lowo mklamo uye wahlolwa ukuthi ukulungele ukubekwa eqhulwini.

Imiklamo Engungqaphambili

IMIKLAMO EGUQULA IZIMO	IMIKLAMO EVULA AMATHUBA	IMIKLAMO EBHEKELE IZIDINGO EZINKULU
Kusho leyo miklamo ebhekela izidingo ezibanzi zesifunda	Kusho leyo miklamo ezovula amathuba ezinsiza zengqalasizinda	Kusho leyo miklamo ezoguqula isimo sezomnotho

1.6 UHLAKA LWESIKHUNGO

Ukuqaliswa kokusebenza kwe-MTSF/PGDS kuqhutshwa ngokwamaThimba Ajutshiwe Abhekele Ukusebenza ayi-13 (ama-AWG). IThimba Elibhekele Ukusebenza ngalinye (i-AWG) liba nomdidiyeli, isekela lomdidiyeli kanye nehhovisi likanobhala. I- AWG iba nabaqokiwe abamele uhulumeni, abamabhezini, abasebenzi kanye nezinhlangano zomphakathi. Ama-AWG agxila emiphumeleni evamile nezingqikithi zezinhlelo zokungenelela. Kungasungulwa namakomidi amancane azobhekana ngqo nezinhlelo zokungenelela ezithile. Ilo nalelo Thimba Lokusebenza libika kuMkhandlu Ophethe Wesifundazwe ngokusebenzisa inqubo yama-cluster (amakomidi).



UMKHANDLU OPHETHE WESIFUNDAZWE

- I-Cluster yakha uHlelo Lokusebenza (uHlelo Lokusebenza lwe-MTSF), oluhlanganisa Izinhlelo Eziseqhulwini zikaZwelonke nezeSifundazwe
- Abaxhasi beMiklamo yama-Cluster axhumana noMdidiyeli we-AWG ngenhloso yokuhlanganisa iziphakamiso ngokusebenzisa i-AWG kanye (namakomidi ayo amancane, lapho ekhona khona)

AMA-CLUSTER

Ama-AWG ahlanganisa:

- Iminyango Eholayo
- Iminyango Nezinhlelo Ezingumgogodla
- Uhulumeni Wendawo, Abamabhezini, Abemisebenzi kanye nezinhlangano Zomphakathi
- Amakomidi Amancane/ Amathimba abhekele Imiklamo

1.7 Ukuqapha Nokuhlola

Ukuqapha nokuhlola kwezinhlelo eziseqhulwini kuzogxila ekubhekeni:

- Umthelela: *Yini esifisa ukuyiguqula?*
- Umphumela: *Yini esifisa ukuyizuzisa?*
- Izinhlelo Zokungenelela: *Kuzokwenziwa kanjani lokhu?*

Seluhlanganisiwe uHlaka Lokuqapha Nokuhlola futhi luzobuyekezwa njalo ngonyaka ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo zokungenelela nokuhlosiwe zihlala zisebenza futhi zifanelekile. Inqubekelaphambili izoqashwa ngokusebenzisa izinhlelo zezikhungo okubalwa kuzo:

- 1) Imibiko Yamakwata evela kuMathimba Ajutshiwe abhekele Ukusebenza eyethulwa kuMakomidi Esishayamthetho Abhekele Imisebenzi Ethile.
- 2) Imibiko Yamakwata evela kuMakomidi Esishayamthetho Abhekele Imisebenzi Ethile ethulwa kuMakomidi Ezepolitiki.
- 3) Imibiko Yamakwata evela kuMakomidi Ezepolitiki eyethulwa kuMakomidi Adidiyele
- 4) Imibiko elethwa kabili ngonyaka eyethulwa kuMkhandlu Wesigungu Esiphethe.

Lokhu kuhloswe ngakho ukuhlola ukuhlinzekwa kwezinhlelo zokungenelela ezithile, inqubekela phambili ngokumaqondana nokuhlosiwe, kudingidwe okungenziwa bese kuvunyelwana ngezinyathelo ezisemqoka ezidingekayo, kanjalo kususwe nezithiyo ezikhona ekusebenzeni ngokubambisana kweminyango kahulumeni bese kubhekwane nokungahambisani okukhona ngokumaqondana nokuhlela.

2. UMBONO, IMPOKOPHELO KANYE NEZINHLELO EZISEQHULWINI NGOKWAMASU OKUSEBENZA AKWAZULU-NATALI

2.1 UMBONO



2.2 Izinhlelo Eziseqhulwini Ngokwamasu Okusebenza Esifundazwe

Umqulu osaluhlaka obuyekeziwe we-PDGS yowezi-2021, ohlelwe ngokuqondanisa ne-MTSF yowezi-2010 – 2021, uveza lezi zinhlelo eziseqhulwini eziyisikhombisa ezilandelayo:

I-MTSF kaZwelonke (Yezokhetho) kanye ne-PGDS yowezi-2021
Uhlelo Oluseqhulwini 1: Uhulumeni onekhono, oziphatha kahle nothuthukayo
Uhlelo Oluseqhulwini 2: Ukulethwa koguquko kwezomnotho kanye nokusungulwa kwamathuba emisebenzi
Uhlelo Oluseqhulwini 3: Ezempilo kanye Nezemfundo
Uhlelo Oluseqhulwini 4: Ukuhlanganiswa kwamaholo womphakathi ngokuhlinzeka izidingongqangi zomphakathi ezithembekile nezisezingeni

I-MTSF kaZwelonke (Yezokhetho) kanye ne-PGDS yowezi-2021

Uhlelo Oluseqhulwini 5: Ukudidiyelwa kwezindawo, ezokuhlaliswa kwabantu kanye nohulumeni wendawo

Uhlelo Oluseqhulwini 6: Ukuhlalisana Ngokuthula Komphakathi kanye noMphakathi Ophephile

Uhlelo Oluseqhulwini 7: I-Afrika kanye noMhlaba Ongcono

Izinhlelo Zokungenelela ezimaqondana nabantu abasengcupheni nababuthaka (Abantu besifazane, Intsha, Abantu Abakhubazekile, Izaguga, Abantu abahlala emapulazini, Omakadebona boMkhonto Wesizwe) zibandakanyiwe ohlelweni olubekwe eqhulwini ngalinye.

Qaphela: Uhlelo Oluseqhulwini ngalunye lufaka-

Umthelela: *Yini esifisa ukuyiguqula?*

Umthelela: *Yini esifisa ukuyizuzisa?*

Izinhlelo Zokungenelela: *Sizokwenza kanjani lokhu? Yini esizoyenza?*

Uhlelo Oluseqhulwini 1: Ukwakha uhulumeni onekhono, oziphatha kahle nothuthukayo



Uhulumeni onekhono, okwazi ukuziphatha kahle nothuthukayo yiwo oyisisekelo sezinhlelo eziseqhulwini eziyisikhombisa ze-PGDS. Ngakho-ke, ukuqaliswa kokusebenza ngempumelelo kwe-PGDS kuncike ikakhulu ekubeni khona kwezinhlelo zokubusa ezisebenza kahle nangempumelelo, kuyo yonke imikhakha, kepha ikakhulu emkhakheni kaHulumeni.

UMTHELELA: Ukwaziswa nokwethenjwa ngumphakathi, Izakhamuzi Ezinomdlandla kanye nokubambisana emphakathini.

IMIPHUMELA

1. Uhulumeni onekhono noziphatha kahle.
2. Ubuholi, ukubusa kanye nokuba nesibopho sokubika nokuphendula okwenziwe ngcono.
3. Uhulumeni osebenzayo, ophumelelayo nodidiyelwe.
4. Ukuphathwa kukahulumeni ngobungoti, ngendlela encomekayo nenobuqotho.
5. Ukuvumelana nokuxhumana komphakathi kanye nababambiqhaza abasemqoka.
6. Ukubandakanywa ezikhungweni kwezinhlelo zokuhlonyiswa ngamandla namakhono ezibhekele ubulili, intsha kanye nabantu abakhubazekile ngokunjalo nezinhlelo zokuthuthukiswa.

IMIPHUMELA KANYE NEZINHLELO ZOKUNGENELELA

1. Uhulumeni onekhono noziphatha kahle

Izinhlelo Zokungenelela

a) Ukukhuthaza ukusebenza kweQhingaswe Lokulwa Nenkohlakalo likaZwelonke lowezi-2020-2030 ngokusebenzisa iQhingaswe Lesifundazwe.

a) Uhlelo olumaqondana nokugwema kanye nokulwa nenkohlakalo kuhulumeni.

2. Ubuholi, ukubusa kanye nokuba nesibopho sokubika nokuphendula okwenziwe ngcono.

Izinhlelo Zokungenelela

a) Ukuvumela ubuholi kuhulumeni kazwelonke nowesifundazwe bube namandla futhi bungenelele ekuxazululeni izingqinamba ezinhlakeni nasekuphathweni kukahulumeni.

b) Ukwenganyelwa kokwenziwa komsebenzi koNgqongqoshe beSifundazwe (o-MEC).

c) Ukuqinisa uhlelo Lamaqoqo (cluster) Esifundazwe kanye nokuqapha izinhlelo, izinhlelo zamaqoqo nezindlela zokubhekana ne-COVID-19 koMkhandlu Ophethe Wesifundazwe kanye naMathimba Ajutshiwe Abhekele Ukusebenza (ama-AWG).

d) Ukuqaliswa kweZichibiyelo ZoMthetho Wezemisebenzi Kahulumeni ukuze kwesekelwe ukuqasha kwezokuphatha, okungumthetho okumele ube ususebenzisa ngonyaka wezi-2024.

e) Ukuvuselela kabusha iZinhlaka zikaHulumeni ngenhloso yokuqinisa izinqubo zikahulumeni kanye nokuqinisa uzinzo lwamabhodi.

3. Uhulumeni osebenzayo, ophumelelayo nodidiyelwe.

Izinhlelo Zokungenelela

a) Ukuthuthukisa ukukhiqiza nokusebenza kwezikhungo zikahulumeni ekusekeleni ukulethwa kwezidingo okugxile kubantu.

b) Ukwenza izinqubo zebhizinisi zihambisane nesimanje kuhulumeni kubandakanya nokuqaliswa kokusebenza kweQhingaswe Lokulethwa Koguquko Kwezobuxhakaxhaka Besimanje.

c) Ukwenza ngcono ukukwazi kukahulumeni ukwengamela ezezimali.

d) Izinyathelo zokuqeda ukusetshenziswa kwezimali ngendlela emoshayo, engenasidingo nemoshayo.

e) Ukuqalisa izinyathelo zokweseka izinguquko kwezokuthengwa kwempahla, ukuthuthukisa umsebenzi olifanele inani lemali kanye nokusimama kwezimali.

f) Ukwenza ngcono ukusebenzisana phakathi kukahulumeni kazwelonke, wesifundazwe nowendawo ukuze kuthuthukiswe ukuhlinzekwa kwezidingongqangi zomphakathi ngokusebenzisa uhlelo lwentuthuko olugxile ezifundeni.

g) Ukuqinisekisa ukuthi amandla kaHulumeni oKulawulwa Kwezinhlekelele ayathuthukiswa ukuze kuhlelelwe futhi kulawuleke izifo eziwubhubhane ngesikhathi esizayo.

4. Ukuphathwa kukahulumeni ngobungoti, ngendlela encomekayo nenobuqotho

Izinhlelo Zokungenelela

a) Uhlelo lokwakha ukuphatha ngobungoti.

b) Ukusungula umgomo wokuziphatha ngobungoti kwezokuphatha kukahulumeni.

5. Ukuvumelana nokuxhumana komphakathi kanye nababambiqhaza abasemqoka.

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Izindlela zokubamba iqhaza komphakathi kohulumeni bezindawo kanye nokubandakanyeka kukahulumeni ngenhloso yokufezekisa izinjongo ze-NDP.
- b) Izakhamuzi ezinolwazi nezihlonjiswe ngamakhono namandla.
- c) Ukukhuthaza ukuxoxisana komphakathi ngokusebenzisa imikhandlu yesifundazwe ukuze kuqiniseke isisekelo somphakathi.
- d) Ukuvuselelwa kokuxhumana komphakathi.

IMINXA EKUGXILWE KUYO EBANDAKANYA ZONKE IZINHLELO

6. Ukubandakanywa ezikhungweni kwezinhlelo zokuhlonyiswa ngamandla namakhono ezibhekele ubulili, intsha kanye nabantu abakhubazekile ngokunjalo nezinhlelo zokuthuthukiswa

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukuqalisa ukusebenza kohlaka lokulawula olumaqondana namalungelo abantu besifazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile.
- b) Ukuqapha ukusebenza kwezinhlelo zokulawula ezimaqondana nokufukulwa kwabantu besifazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile.
- c) Ukuhlenganiswa nokuqaliswa kokusebenza kohlaka olubhekele ukuhlela, ukwaba izimali, ukuhlola nokuqapha maqondana namalungelo abantu Besifazane, Intsha Nabantu Abakhubazekile (WYPD).
- d) Ukuqinisekisa ukuthi izivumelwano zokwenziwa komsebenzi zeZiphathimandla Eziphezulu kanye neZikhulu Ezinezibopho Zokubika zisabela ezinhlelweni

“Ukulingana ngokobulili kungaphezu kokuba ngumgomo. Empeleni kungumbandela ohamba phambili wokubhekana nenselelo yokunciphisa ububha, ukukhuthaza intuthuko esimeme kanye nokwakha ukubusa okuhle.”

-Kofi Annan

Uhlelo Oluseqhulwini 2: Ukulethwa koguquko Kwezomnotho nokudala amathuba omsebenzi



Ukukhula komnotho kubaluleke kakhulu ekuthuthukisweni kwezenhlalo nezomnotho futhi kuyavunywa ukuthi umnotho obandakanya wonke umuntu, onwetshiwe nozinzile yiwo osemqoka ekulethweni koguquko kwezomnotho kanye nasekudaleni amathuba emisebenzi. Ukuze wonke umuntu ahlomule, ukukhuliswa komnotho kumele kube seqhulwini.

Sikhulisa i-KwaZulu-Natali Ngokubambisana

Kunesidingo esiphuthumayo sokuba kuqhanyukwe nezindlela zokukhulisa umnotho nentuthuko ngenhloso yokuba umnotho waKwaZulu-Natali uqhubeke ube semgudwini ofanele.

UMTHELELA: Ukuncishiswa kokungaqashwa kwabantu ngama- 20%-24% kudaleke namathuba amasha omsebenzi okungenani ayizigidi ezimbili Okuhlosiwe eNingizimu Afrika (ikakhulu entsha); ukukhula komnotho okuphakathi kwama- 2%-3% kanjalo nokukhula kwamazinga otshalomali kufinyelelele 23% e- GDP (Ukukhula okuphansi Kwazulu-Natali ngama- 1%, okumaphakathi ngama- 3%, okuphezulu ngama- 6%).

IMIPHUMELA

1. Ukuzinzisa nokudala imisebenzi ehloniphekile eminingana, bese kubekwa eqhulwini kuyo intsha, abesifazane kanye nabantu abakhubazekile.
2. Ukutshala ekukhuleni komnotho okubandakanya wonke umuntu ngokushesha.
3. Ukusungulwa kwezimbongi, ukuthuthukisa umnotho wendawo anye nokuthunyelwa kwempahla kwamanye amazwe.
4. Ukwenza ngcono ukuncintisana ngokugunyaza ezobuchwepheshe bezokuxhumana nolwazi (i-ICT), ucwaningo kanye nokusungula izinto ezintsha.
5. Ukwehliswa kokugxila komnotho endaweni eyodwa kanye nokwandisa umkhakha wamabhizinisi amancane.
6. Ukwenyusa izingabunjalo nenani lotshalomali lengqalasizinda ngenhloso yokweseka ukukhula nokwenziwa ngcono kokudaleka kwamathuba omsebenzi.
7. Ukuhlinzekwa kukagesi okuvikelekile.
8. Ukutholakala kwamanzi okuvikelekile.
9. Ukwenyuka kokufinyelela kwezokuthutha ezingambi eqolo nezisebenza ngokuthembeka.
10. Ukwenyuka kokubamba iqhaza kwezomnotho, ubunikazi, ukufinyelela kuzinsiza, amathuba nokulingana kwamaholo okubhekiswe kwabesifazane, intsha, ngokunjalo nabantu abakhubazekile.

IMIPHUMELA KANYE NEZINHLELO ZOKUNGENELELA

Umpfumela: Ukuzinzisa nokudala imisebenzi ehloniphekile eminingana, bese kubekwa eqhulwini kuyo intsha, abesifazane kanye nabantu abakhubazekile.

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukwesekwa kwezinhlelo zokudla amathuba emisebenzi ngokusebenzisa iZibophezelo Zengqunguthela Emaqondana Nemisebenzi, i- Operation Pakisa, Uhlelo Lokuvuselelwa Komnotho olubizwa ngokuthi i- Economic Reconstruction and Recovery Plan ngokunjalo nezinye izinhlelo zokuqasha zoomkhakha kahulumeni, kubalwa nohlelo olubizwa ngokuthi i-Mass Employment Stimulus Programme.
- b) Ukuqalisa kokusebenza kohlelo lokungenelela olukhulu lwaKwaZulu-Natali olumayelana nokuqashwa kwentsha.
- c) Ukudala isimo esivumela ukuqasha ngokulandela izinqubomgomo nemithethonqubo kazwelonke neyesifundazwe, kubandakanya ukuhlelela ukuqasha abantu abanakhono adingeka kakhulu nokuthola abasebenzi abamakhono abalulekile (Qaphela: Lokhu kuhambisana noHlelo Oluseqhulwini 3)
- a) Ukuqaliswa kokusebenza nokushesha kwezinhlelo zokuLethwa Koguquko

Umpfumela: Ukuzinzisa nokudala imisebenzi ehloniphekile eminingana, bese kubekwa eqhulwini kuyo intsha, abesifazane kanye nabantu abakhubazekile.

Izinhlelo Zokungenelela

Olusheshayo Kwezomnotho (i-RET), uGuquko KweZolimo kanye noGuquko Kwezenhlalomnotho (i-RASET), kubalwa ne- iGula kanye ne-Operation Vula.

- b) Ukuqaliswa kokusebenza ngokushesha kohlelo lwesifundazwe lokugcinwa nokwandiwa kwamabhizinisi olubizwa ngokuthi i- Provincial Business Retention and Expansion Programme.

Umpfumela: Ukutshala ekukhuleni komnotho okubandakanya wonke umuntu ngokushesha

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukwenza ngcono ukuba lula kokuqhuba ibhizinisi KwaZulu-Natali ngokuqalisa ukusebenza kohlaka lokulawula oluqhubekayo (kubalwa nezitolo okutholakala kuzo yonke impahla (ama- One Stop Shop) ngenhloso yokuba kwesekwe ngokubanzi amabhizinisi asafufusa nalawo mabhizinisi angabanjelwa ntela.

- b) Ukuqiniseka ukulandela nokuhambisana nenqubomgomo emaqondana nezomnotho omkhulukazi.

- c) Ukudala isimo esivumela ukuhlenganiswa ukutshalwa kwezimali kwabamabhizinisi ngokusebenzisa ubudlelwano phakathi komkhakha wabamabhizinisi nomkhakha kahulumeni (ama-PPP).

- d) Ukubuyekeza kanye nokuqapha izimiso ze-B-BBEE ngenhloso yokuba kwesekelwe ukuhlonyiswa kwabasebenzi nokusebenzisa amakhodi e-B-BBEE kubasebenzi, umphakathi kanye nobunikazi be-HDI.

- e) Ukunciphisa imisebenzi yomnotho engekho emthethweni.

- f) Ukuqaliswa Kokusebenza koHlelo Losozimboni Abamnyama (Qaphela: Lokhu futhi kuvezwe ngaphansi komphumela wokusungulwa kwezimboni KwaZulu-Natali).

Umpfumela : Ukusungulwa kwezimboni, ukuthuthukisa umnotho wendawo anye nokuthunyelwa kwempahla kwamanye amazwe

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukwakha isimo esivumayo esivumela imikhakha ebekwe eqhulwini kuzwelonke nasesifundazweni ukuthi isekele ukusungulwa kwezimboni kanye nokuthuthukisa umnotho wendawo, okuholela ekwandeni kokuthunyelwa kwempahla kwamanye amazwe, ukuqashwa, kanye namabhizinisi asafufusa (ama-SMME) nemifelandawonye ephethwe yintsha nabesifazane - *(Imikhakha ebekwe eqhulwini esiFundazweni saKwaZulu-Natali ihlanganisa lokhu okulandelayo : EzoLimo Nokusetshenzwa Kwezolimo – ukugaya, ukukhiqiza, isikhumba, izingubo zokugqoka nezindwangu, ezokuvakasha, i-ICT, izinto ezivuselelekayo, ama-biofuels, umnotho owongayo, umnotho wasolwandle, ubuciko nokungcebeleka, izimboni zezimoto kanye nomnotho wedijithali kanye nomnotho ongabanjelwa ntela).*

- b) Ukweseka ukuthuthukiswa komnotho wendawo nokusungulwa kwezimboni ngokusebenzisa uhlelo lokuthenga kukahulumeni, okuhlenganisa nokuphothulwa kanye nokuqaliswa koHlelo Lohlaka Lokuthuthukiswa Komnotho Wendawo lwaKwaZulu-

Umpfumela : Ukusungulwa kwezimboni, ukuthuthukisa umnotho wendawo anye nokuthunyelwa kwempahla kwamanye amazwe

Izinhlelo Zokungenelela

Natali.

- c) Ukukhuthaza ukukhula embonini yezokukhiqiza kuyo yonke imikhakha ebekwe eqhulwini.
- d) Ukwesekwa komkhakha webhizinisi lezolimo. (Qaphela: Lokhu kuhambisana noHlelo Oluseqhulwini 5 – Umnotho Wasezindaweni Zasemakhaya).
- e) Ukuthuthukiswa kanye nokubekwa eqhulwini kokunwetshwa kwemboni yezamahhashi, ukwenza kube sezindaweni ukukhiqizwa kwezinsiza zezemidlalo, ukuthuthukiswa kwe-e-sport kanye nokuthuthukiswa kwezokuvakasha kwezemidlalo.
- f) Ukuphothula nokuqalisa ukusebenza kweQhingasw Lokutshalwa Kwezimali Nokuthunyelwa Kwempahla Kwamanye Amazwe, eligxile ekushintsheni impahla evela kwamanye amazwe. (Qaphela: Lokhu kuphinde kuhambisana noHlelo Oluseqhulwini 7).
- g) Ukuphothula nokuqalisa ukusebenza kweQhingasw Lokuvuselela Amalokishi.
- h) Ukuguqula nokuvuselela umkhakha wezoLimo KwaZulu-Natali. (Qaphela: Lokhu kuhambisana noHlelo Oluseqhulwini 5 – Umnotho Wasezindaweni Zasemakhaya).

Umpfumela: Ukwenza ngcono ukuncintisana ngokugunyaza ezobuchwepheshe bezokuxhumana nolwazi (i-ICT), ucwaningo kanye nokusungula izinto ezintsha

Ukwenza ngcono ukuncintisana ngokusebenzisa ukugunyazwa kwezobuchwepheshe bezokuxhumana nolwazi (i-ICT), ucwaningo kanye nokuqhamuka nemibono emisha.

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukwethulwa ngokusemthethweni kohlelo lwe-Broadband kanye nokunciphisa amanani kwezokuxhumana.
- b) Ukwenza ngcono ukudonsa kwezinhlelo zezokuxhumana.
- c) Uhlelo Lokuqalisa Ukusebenza laKwaZulu-Natali ngenhloso yokukhuthaza ukusebenza kwezincwadi zeKhomishini kaMengameli emaqondana ne- 4th Industrial Revolution (4IR).
- d) Ukukhuthaza uhlelo lokuthuthukiswa kwamakhono obuxhakaxhaka besimanje nawesikhathi esizayo.
- e) Ukwenyuka kokutshalwa kwezimali emalini esetshenziselwa ukwenza ucwaningo nokuthuthukisa.
- f) Ukukhulisa umnotho wolwazi ngokuhweba ngempahla enamalungelo obunikazi exhaswe ngumkhakha kahulumeni kanye nokusungula izinto ezintsha.

Umpfumela : Ukwehliswa kokugxila komnotho endaweni eyodwa kanye nokwandisa umkhakha wamabhizinisi amancane.

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukukhuthaza ukwanda kwenani lamabhizinisi amancane ancintisanayo ngokugxila emnothweni wasemalokishini nasezindaweni zasemakhaya.
- b) Ukuqinisa ukuthuthukiswa kwezimali ekuthuthukiseni amabhizinisi asafufusa (ama-SMME) kanye nokuthuthukiswa kwemifelandawonye.

- c) Ukuthuthukiswa kwama-SMME ngokusebenzisa izikhungo zokufukamela kanye nezizinda zobuxhakaxhaka besimanje.
- d) Ukuqinisekisa ukubandakanyeka kwama-SMME ekuthuthukisweni komnotho wezindawo nasemikhankasweni yezindawo.
- e) Ukuhlola ukuthi zingaqaliswa yini izinyathelo zokweseka ukusungulwa kwamabhizinisi amasha aphethwe yintsha.
- f) Ukweseka ukusungulwa kwama-SMME anozinzo
- g) Izinhlelo ezididiyele zokweseka umnotho ongakhokhelwa ntela.

Umpumela: Ukwenyusa izingabunjalo nenani lotshalomali lengqalasizinda ngenhloso yokweseka ukukhula nokwenziwa ngcono kokudaleka kwamathuba omsebenzi.

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukwenza ngcono izingabunjalo neqophelo lokutshalwa kwezimali kungqalasizinda ngokuqalisa nokuqapha uHlelo Olukhulu Lwengqalasizinda lwaKwaZulu-Natali.
- b) Ukuqaliswa kwemikhiqizo eheha ezokuvakasha/ izinto ezihehayo ezihlonzwe ngokubambisana nomasipala nemiphakathi okuhloswe ngayo ukuthuthukisa izinto ezithokozisa izivakashi uma zivakashile. (Qaphela lokhu kuhambisana noHlelo Oluseqhulwini 7 – Umpumela omaqondana Nokukhula Kwemboni Yezokuvakasha.)
- c) Ukuqaliswa kokusebenza koHlelo Olukhulu Lwengqalasizinda laKwaZulu-Natali.
- d) Ukubuyekeza nokuhlela ngokuqondanisa izinhlelo ezingungqaphambili ukuze zihambisane nezinhlelo ezibekwe eqhulwini kuZwelonke nasesiSifundazweni ngokusebenzisa aMathimba Ajutshelwe Ukudidiyela Ezengqalasizinda esiFundazweni.

Umpumela : Ukuhlinzekwa kukagesi okuvikelekile (Qaphela: Lokhu kuhambisana noHlelo Oluseqhulwini 5 Izinsiza Eziyisisekelo)

Izinhlelo Zokungenelela

Ukuhlanganiswa nokuqaliswa kokusebenza koHlelo Olukhulu Olumaqondana noGesi (kubalwa nezinye izindlela kanye nogesi ovuselelekayo ukusekela ukwehlukahluka kwemithombo yezamandla.)

Umpumela : Ukutholakala kwamanzi okuvikelekile. (Qaphela: Lokhu kuhambisana noHlelo Oluseqhulwini 5 Izinsiza Eziyisisekelo)

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukuhluhaniswa kokuxutshwa kwamanzi ngoHlelo Olukhulu Lwezamanzi Lwesifundazwe Lwamanzi (i-PWMP) ukuze kuqinisekise ukuthuthukiswa komjikelezo wamanzi.
- b) Ukuqalisa imiklamo yokusebenzisa amanzi angaphansi komhlaba ezindaweni ezingenawo amanzi.
- c) Ukukhuthaza ukuncishiswa kokubambezeleka kwamalayisensi okusebenzisa amanzi.

Umpfumela : Ukwenyuka kokufinyelela kwezokuthutha ezingambi eqolo nezisebenza ngokuthembeka (Qaphela: Lokhu kuhambisana noHlelo Oluseqhwini 5 Izinsiza Eziyisisekelo)

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukuvuselela, ukulungisa kanye nokugcina ingqalasizinda yezemigwaqo isesimweni ukuze kwesekelwe izinhlelo zengqalasizinda.
- b) Ukuqaliswa Okudidiyelwe KweQhingaswe Lokuthuthwa Kwempahla Ngezemigwaqo njengalokhu lisebenza KwaZulu-Natali.
- c) Ukuhlela ukwenza kube lula ukushintshwa kokuthuthwa kwempahla ngezemigwaqo kuyiwe ekuthutheni ngezitimela kanye nokubamba iqhaza kwezinkampani ezizimele.
- d) Izizinda Zezokuthuthwa Kwempahla.

IMINXA EKUGXILWE KUYO EBANDAKANYA ZONKE IZINHLELO

Umpfumela: Ukwenyuka kokubamba iqhaza kwezomnotho, ubunikazi, ukufinyelela kuzinsiza, amathuba nokulingana kwamaholo okubhekiswe kwabesifazane, intsha, ngokunjalo nabantu abakhubazekile.

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukusungula, ukusebenzisa, ukwesekela kanye nokuqapha izinhlelo zokuvulwa kwamathuba emisebenzi ngokulinganayo, ukumeleleka kanye nobunikazi kwabesifazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile.
- b) Ukwandisa ukusetshenziswa kwemali kahulumeni kwabesifazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile ngokohlelo lokuthengwa kwempahla lokuqoka abakhethekile.
- c) Izinhlelo zokwandisa ukufinyelela emalini, imihlomulo kanye namathuba kumabhizinisi aphethwe nabunikazi bawo kungabantu besifazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile.
- d) Izinhlelo zokwandisa ukufinyelela nokuba ngabanikazi bomhlaba kwabantu besifazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile.

“Abantu yibona abangumthombo ongumongo ekuthuthukisweni komnotho. Umnotho uthuthukiswa ngabantu, hhayi imali noma okunye.”

-Peter Drucker

Uhlelo Oluseqhwini 3: Ezemfundo, Amakhono kanye Nezempilo



Ezemfundo, amakhono kanye nezempilo zingumgogodla wokuthuthukiswa kwezenhlalo nezomnotho. Ngakho-ke, kusemqoka ukutshala ekuthuthukiseni amakhono abo bonke abantu kusukela ekuthuthukisweni kwezingane ezisencane (i-ECD) kuya ekucijeni amakhono jikelele. Mayelana nalokhu, ukutshala



kuzo zozine izigaba zohlelo lwezemfundo namakhono kubalulekile ekwakheni amakhono ezakhamuzi nasekuthuthukiseni isimo

senhlalo yomphakathi. Ekugcineni, lokhu yikho okuzoqinisekisa ukuthi kubhekwana ngempumelelo nezingqinamba ezintathu ezikhungethe umphakathi, okungububha, ukungalingani kanye nokuntuleka kwemisebenzi. Ngaphezu kwalokho, impilo yabo bonke abantu iyathintana nezinga lempilo kanjalo nokukwazi kwabo ukusebenzisa amakhono abo ngempumelelo, nakho okungumgogodla wentuthuko kanye nokukhula kwethu.

Ezemfundo

UMTHELELA	A. Ukwandiswa ngama-95% kokufinyelela ezinkulisa futhi izingabunjalo lenziwe ngcono.
UMPHUMELA	Ukwenziwa ngcono kokulungela kwezingane ukuya ezikoleni.
UMTHELELA	B. Ukuthi zibe ningana izingane ezisesigabeni esiyisisekelo semfundo ezifinyelela emazingeni okufunda nokubala adingekayo ekufundeni okudingeka impilo yonke.
UMPHUMELA	Izingane ezineminyaka yobudala eyishumi ezifunda ezikoleni zikahulumeni zikwazi ukufunda ngokuqondidisa.
UMTHELELA	C. Ukwenziwa ngcono kwezingabunjalo lemiphumelangqo yokufunda yabafundi abasemabangeni amaphakathi nathe thuthu, kuthi kushaya nonyaka wezi-2024 kube kuncishiswe nokungalingani.
UMPHUMELA	Intsha ibe isikulungele kangcono ukuyoqhuba izifundo zayo kanye nokuthi iyosebenza emva kweBanga le-9.
UMTHELELA	D. Ukwanda kwabafundi abaphumelela uMatikuletsheni (u-NSC). Bathole namamaki angaphezu kwama-60% ezifundweni ezisemqoka.
UMPHUMELA	Intsha iphuma ezikoleni isikulungele ukuba negalelo elibonakalayo kuNingizimu Afrika ephumelelayo nenokulingana.
UMTHELELA	E. Iqophelo lokufundisa nokufunda elenziwe ngcono ngokuhlinzekwa kwengqalasizinda efanelekile.
UMPHUMELA	Ingqalasizinda nesimo jikelele sesikole esikhuthaza abafundi ukuba bafunde nothisha ukuba bafundise.
UMTHELELA	F. Ukwenziwa ngcono kokubamba iqhaza kwezomnotho nenhlalakahle yomphakathi.
UMPHUMELA	1. Ukwandiswa kokufinyelela emathubeni e-PSET. 2. Ukwenziwa ngcono kokuhlinzekwa kwe-PSET. 3. Inqubo ye-PSET esabela ezidingweni. 4. Ukwenziwa ngcono kwezinsiza ezinamakhono ngenhloso yokukhulisa umnotho nezidingo zentuthuko zeSifundazwe. (Qaphela: Lokhu nakho kuhambisana noHlelo Oluseqhulwini 2).
UMTHELELA	G. Abantu besifazane, iNtsha kanye naBantu Abakhubazekile bathakasela ukunakekelwa kwezempilo okuseqophelweni eliphezulu kanye namathuba empilo angcono kubo bonke abantu.
UMPHUMELA	Imiphumela yezempilo neyemfundo eyenziwe ngcono kanye nokuthuthukiswa kwamakhono kubo bonke abantu besifazane, amantombazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile.

IMIPHUMELA AND IZINHLELO ZOKUNGENELELA

Umthelela: Ukwandiswa ngama-95% kokufinyelela ezinkulisa futhi izingabunjalo lenziwe ngcono.

Umpfumela: Ukwenziwa ngcono kokulungela kwezingane ukuya ezikoleni

Izinhlelo Zokungenelela

Umthelela: Ukwandiswa ngama-95% kokufinyelela ezinkulisa futhi izingabunjalo lenziwe ngcono.

Umphumela: Ukwenziwa ngcono kokulungela kwezingane ukuya ezikoleni

Izinhlelo Zokungenelela

- Ukudlulisela isibopho sezinkulisa kuMnyango Wezemfundo – uhlelo lokuqaliswa kokusebenza kokudluliselwa lwesifundazwe.
- Ukuhlanganisa nokusebenzisa inqubo yokuhlela ye-ECD, ukuxhasa ngezimali, ukubhalisa nenqubo yolwazi (Qaphela ukuthi uhlelo Lokuthuthukiswa Kwezingane Zisencane (izinkulisa) lwezingane ezineminyaka yobudala ephakathi kwe-0-4 okwamanje lubhekelelwa ngaphansi koHlelo Oluseqhulwini 4 lwe-MTSF eBuyekeziwe yowezi-2019-2024).
- Ukuhlanganisa nokusebenzisa inqubo yokuhlolwa kokulungela ukuqaliswa kwezikole (Qaphela ukuthi lokhu kuhambisana noHlelo Oluseqhulwini 4)

Umthelela: Ukuthi zibe ningana izingane ezisesigabeni esiyisisekelo semfundo ezifinyelela emazingeni okufunda nokubala adingekayo ekufundeni okudingeka impilo yonke

Umphumela : Izingane ezineminyaka yobudala eyishumi ezifunda ezikoleni zikahulumeni zikwazi ukufunda ngokuqondidisa

Izinhlelo Zokungenelela

- Ukwethula izindlela ezingcono okubalwa kuzo izinhlelo zezifundo, izincwadi zokufunda ezihloliwe, ukuqeqeshwa komuntu ngamunye kothisha okufundwe ohlelweni lwe-Early Grade Reading Study ngenhloso yokufundisa ukufunda nokuqhamuka neminye imibono emisha.
- Ususebenzisa izindlela ezintsha zokuhlola okubalwa kuzo ukuhlola ukufunda eBangeni Lokuqala Lasekuqaleni ukuze ukufundisa kube lula.
- Ukwethulwa kohlelo lokufunda nokufundisa i-Coding kanye ne- Robotics esigabeni esiyisisekelo semfundo.
- Ukutshala imali ekuhlanganisweni kwezincwadi okufunda ngezilimi zomdabu ngenhloso yokuba zibe ngezokufunda, okuhlanganisa nezincwadi zokwenza umsebenzi.
- Uwandiswa kancane kancane kokuqaliswa kokufunda iZilimi Zomdabu kuzo zonke izikole (kuzo zonke izigaba zemfundo).
- Ukuhlinzekwa kokuthuthukiswa kothisha ukuze bakwazi ukufundisa, ukufunda nezibalo
- Ukwenyusa isibalo sabafundi abahlomula ohlelweni loKufunda Ezikoleni Ezingakhokhisi Mali okwaziwa ngokuthi. I-No- Fee schooling.
- Ukuqalisa ukusebenza kohlelo lukaZwelonke loKondliwa Kwezingane Ngokudla Ezikoleni esifundazweni sonkana. .
- Ukwenyusa isibalo sabafundi abahlomula ohlelweni lwezithuthi zabafundi.

Umthelela: Ukwenziwa ngcono kwezingabunjalo lemiphumelangqo yokufunda yabafundi abasemabangeni amaphakathi nathe thuthu, kuthi kushaya nonyaka wezi-2024 kube kuncishiswe nokungalingani

Umphumela: Intsha ibe isikulungele kangcono ukuyoqhuba izifundo zayo kanye nokuthi iyosebenza emva kweBanga le-9.

Izinhlelo Zokungenelela

- Ukuqhakambisa izindlela ezisebenza ngempumelelo zokuthuthukiswa kothisha.

Umthelela: Ukwenziwa ngcono kwezingabunjalo lemiphumelangqo yokufunda yabafundi abasemabangeni amaphakathi nathe thuthu, kuthi kushaya nonyaka wezi-2024 kube kuncishiswe nokungalingani

Umpfumela: Intsha ibe isikulungele kangcono ukuyoqhuba izifundo zayo kanye nokuthi iyosebenza emva kweBanga le-9.

Izinhlelo Zokungenelela

- okubalwa kuzo ebizwa ngokuthi i-Professional Communities of Learning (ama-PLC) kanye nokuqeqeshwa kothisha emsebezni ngokwezobuchwepheshe.
- b) Ukuqalisa uhlelo olusha oluyisampula lokuHlola Okuhlelekile, okuyingxenye yokuqapha inqubekelaphambili ngokumaqondana neZinjongo Zokuthuthukiisa Ezisimeme (ama-SDG).
- c) Ukwakhela phezu kwempumelelo edlule ngokumaqondana nokufinyelela kwabafundi ezinzincwadi zokufunda nezokwenza umsebenzi ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi akekho umfundi ongenazo zincwadi azidingayo.
- d) Ukuqalisa uhlelo lokufundisa nge-Coding kanye ne-Robotics ezigabeni zemfundo ezimaphakathi nezithe thuthu.
- e) Ukuqinisekisa ukuthi banele othisha abasebencane abanamakhono afanele abangena emkhakheni wobuthisha, ngokubambisana namaNyuvesi kanye nohlelo lwemifundaze olubizwa nge-Funza Lushaka.
- f) Ukuqalisa inqubo engcono yokuba nesibopho sokubika nokuphendula kothishanhloko, ezoba nokungenzeleli, okusekelwe ulwazi oluqoqiwe olufanele, kanye nokubhekela isimo sezenhlalomnotho sezikole.
- g) Ukwethulwa kweSitifiketi Semfundo Ejwayelekile (i-GEC)) kuSigaba 9, okuyingxenye yokwenza lula ukunikezelana kwezikole nama-TVET college. .
- h) Ukufaka uhlelo lokufundisa ngokuphepha emanzini olubizwa ngokuthi i- Water Smart Safety Education programme ohlelweni lokufundisa i-Life Orientation ezikoleni.
- i) Ukudidiyelwa Kwezamabhezini Okuthuthukisiwe ezinhlelweni zokufundisa zasezikoleni.

Umthelela: Ukwanda kwabafundi abaphumelela uMatikuletsheni (u-NSC). Bathole namamaki angaphezu kwama-60% ezifundweni ezisemqoka.

Umpfumela: Intsha iphuma ezikoleni isikulungele ukuba negalelo elibonakalayo kuNingizimu Afrika ephumelelayo nenokulingana.

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Uwenyusa ukufinyelela kwabafundi ababencishwe amathuba phambilini ezifundweni “ezibalulekile” okubalwa kuzo lezo ezigxile kubunjiniyela kanye nezekhompuyutha.
- b) Izinhlelo lokwenza olungcono ulwazi lwesifundo lukathisha namakhono okufundisa
- c) Amathuba angcono okuphasa (okwenza ngcono) umatikuletsheni kulabo bafundi abaphinda uMatikuletsheni (i-NSC).
- d) Ukusheshisa ukuqaliswa kohlelo lokufundisa lubizwa ngokuthi i- Three-Streams Curriculum Model.
- e) Ukufakwa kwabafundi ezifundeni zezobuchwepheshe.
- f) Ukuhlela nokuhlanganisa kabusha uHlelo olumaqondana nalabo abaphinda uMatikuletsheni olubizwa ngokuthi i- Second-Chance Matric Programme ukuze lugxile ezinsikeni ezimbili, okuyilezi –
 - i. Ukubhala kabusha uMatric ngenhloso yokuthi abafundi baphumelele izifundo zabo

Umthelela: Ukwanda kwabafundi abaphumelela uMatikuletsheni (u-NSC). Bathole namamaki angaphezu kwama-60% ezifundweni ezisemqoka.

Umpumela: Intsha iphuma ezikoleni isikulungele ukuba negalelo elibonakalayo kuNingizimu Afrika ephumelelayo nenokulingana.

Izinhlelo Zokungenelela

ukuze baphase umatikuletsheni; kanye

- ii. Nokuqalisa uhlelo lokuqeqesha insha engasebenzi ukuba yenze umsebenzi wokunakekela izikole.

- g) Ukuqalisa izikole ezigxile emikhakheni ethile ngenhloso yokuthuthukisa ithalente emikhakheni ehlukahlukene.

Umthelela: Iqophelo lokufundisa nokufunda elenziwe ngcono ngokuhlinzekwa kwengqalasizinda efanelekile.

Umpumela: Inggqalasizinda nesimo jikelele sesikole esikhuthaza abafundi ukuba bafunde nothisha ukuba bafundise

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukwakhiwa kwezikole ezintsha.

- b) Ukuqedwa kwezindawo zokuzikhulula ezingafanele ngokuthi kwethulwe uhlelo olubizwa ngokuthi yi-Sanitation Appropriate for Education SAFE Initiative.

- c) Ukusebenzisa izinhlelo ze-ICT ukweseka ukufunda.

- d) Ukuthuthukisa amakhono okuhlela nokuqapha ingqalasizinda yesifundazwe (kubandakanya uhlelo Lokulawulwa Kwezikhungo Zezemfundo – EFMS)

- e) Ukuxhumanisa zonke izikole ezisebenza ne-DCDT ngokusebenzisa izindlela ezahlukene zezokuxhumana.

Umthelela: Ukwenziwa ngcono kokubamba iqhaza kwezomnotho nenhlalakahle yomphakathi.

Umpumela: Ukwandiswa kokufinyelela emathubeni e-PSET

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukuqapha nokuqalisa ukusebenza kwezinhlelo zokubhalisa emaNyuvesi, ema- TVET college kanye nasema- CET college ngokunjalo nokuqeqesha.

- b) Ukuqapha ukusungulwa kwamaHhovisi abhekele Abantu Abakhubazekile kuzo zonke izikhungo zeMfundo Ephakeme.

- c) Ukuheha, ukuqasha nokuqeqesha abantu abasha ukuthi bangene iemkhakheni wochungechunge lwezolimo ngokubabhalisela ezinhlelweni ezifanele.

- d) Ukukhuthaza intsha ukuba ingene emkhakheni wemisebenzi wezandla.

- e) Ukuqinisekisa ukuthi abafundi abafanelekile bathola uxhaso lwemifundaze ye-NSFAS (ngemihlahlandlela, ukubuyekezwa komthetho wenqubomgomo, ukwenganyelwa ngempumelelo kuka-NSFAS nguMnyango Wezemfundo Ephakeme (u-DHET) kanye nokwenganyelwa okuthuthukisiwe).

- f) Ukuxoxisana nabakwa-SETA ngenhloso yokuhlonza ukwenyuka kwenani lamathuba omsebenzi nokwenza ulwazi lokufundela umsebenzi emsebenzini lwaziwe emphakathini.

- g) Ukweseka ukuqaliswa kwezinhlelo zokuthuthukiswa kwamakhono kuwo onke amaNyuvesi.

Umpfumela: Ukwenziwa ngcono kokuhlinzekwa kwe-PSET

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukwandisa isibalo samanyuvesi afundisa iziqu zokufundisa ema- TVET college ezisemthethweni.
- b) Ukwenza ngcono iziqu zabasebenzi abafundis anabenza ucwaningo emanyuvesi.
- c) Ukuqhuba izifundo zokuqwashisa nge-IP (IP Wise)ema- TVET college (okungenani zibe mbili ngonyaka).

Umpfumela: Inqubo ye-PSET esabela ezidingweni.

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukwenza abafundisi nabafundi basema-TVET college babelwazi lokuba sembonini.
- b) Ukukhuthaza ezamabhizinisi emanyuvesi kanye nasema- TVET college.
- c) Ukuqalisa kokuqeqeshwa kwamakhono obuxhakaxhaka besimanje okuyimpoqo okuqondene nezinhlelo ezifundiswa ema-TVET.college.
- d) Ukweseka amanyuvesi kanye nama- TVET college ukuba aqalise ukusebenza kwezinhlelo zezamabhizinisi.
- e) Ukuqhakambisa izinhlelo zokweluleka ngenhloso yokukhulisa ukuthuthukiswa kwamakhono.

Umpfumela wase-KZN: Ukwenziwa ngcono kwezinsiza ezinamakhono ngenhloso yokukhulisa umnotho nezidingo zentuthuko zeSifundazwe

Izinhlelo Zokungenelela

Ukuhlelela amakhono ahlosiwe ekukhuliseni nokulethwa koguquko kwezomnotho

IMINXA EKUGXILWE KUYO EBANDAKANYA ZONKE IZINHLELO

Umthelela: Abantu besifazane, iNtsha kanye naBantu Abakhubazekile bathakasela ukunakekelwa kwezempilo okuseqophelweni eliphezulu kanye namathuba empilo angcono kubo bonke abantu.

Imiphumela: Imiphumela yezempilo neyemfundo eyenziwe ngcono kanye nokuthuthukiswa kwamakhono kubo bonke abantu besifazane, amantombazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile.

Izinhlelo Zokungenelela

Ukufaka izindaba zobulili, intsha kanye nokukhubazeka ezinhlelweni zokufinyelela emfundweni jikelele, amakhono empilo, ukuthuthukiswa kwamakhono nokuqeqeshwa emikhakheni ehlukeneyo yokufunda, okubandakanya i-STEM.

“Imfundo iyisikhalo esinamandla ongasisebenzisa ukuguqula umhlaba.” -Nelson Mandela

Ezempilo

UMTHELELA	Ukuphumelela ngokuqhubekayo kokuhlinzekwa kwezempilo jikelele kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika futhi zonke izakhamizi zivikeleke ekukhungathweni izinselelo zezezimali uma kufuneka zithole ukunakekelwa kwezempilo.
UMPHUMELA	1. Impumelelo yokuhlinzekwa kwezempilo jikelele kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika. 2. Intuthuko eqhubekayo esilinganisweni seminyaka yokuphila yabantu baseNingizimu Afrika. 3. Ukwehla kwezinga lokushona komama nezingane.
UMTHELELA	Bonke Abesifazane, Amantombazane, Intsha kanye Nabantu Abakhubazekile Bathokozela Ukunakekelwa Kwezempilo Okuseqophelweni Eliphezulu kanye Namathuba Okuphila Angcono.
UMPHUMELA	Imiphumela ethuthukisiwe yezemfundo nezempilo kanye nokuthuthukiswa kwamakhono kubo bonke abesifazane, amantombazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile.

IMIPHUMELA AND IZINHLELO ZOKUNGENELELA

Imithelela: Ukuphumelela ngokuqhubekayo kokuhlinzekwa kwezempilo jikelele kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika futhi zonke izakhamizi zivikeleke ekukhungathweni izinselelo zezezimali uma kufuneka zithole ukunakekelwa kwezempilo.

imiphumela: Impumelelo yokuhlinzekwa kwezempilo jikelele kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika

Izinhlelo Zokungenelela

- Ukwandiswa kokulungela ukuhlinzekwa kwezempilo jikelele (i-UHC) kuzo zonke izifunda eziyi-11 zaKwaZulu-Natali.
- Ukwethula uhlelo lokwenza ngcono iqophelo lezempilo ezikhungweni zezempilo zikahulumeni ukuze kuqinisekise ukuthi ziyahlangabezana namazinga adingekayo ukuze kuqinisekise futhi kugunyazwe i-NHI.
- Ukunciphisa ubungozi obumaqondana namacala ezokwelapha.
- Iqophelo lezinsiza zokunakekelwa kwezempilo okuyisisekelo nelenziwe ngcono ngokunwetshwa kohlelo lwemitholampilo olubizwa ngokuthi i- Ideal Clinic.
- Ukusebenzisa iqhingaswe lezabasebenzi elibizwa ngokuthi i-HRH 2030 kanye nohlelo lwe-HRH 2020/21 no- 2024/25 ukuze kubhekwane nezidingo zabasebenzi, okuhlanganisa nokugcwaliswa kwezikhala ezisemqoka ezingenamuntu ukuze kuqaliswe ngokugcwele ukunakekelwa kwezempilo jikelele.
- Ukusungula amakolishi abahlengikazi ezifundazweni.
- Ukunweba uhlelo lokunakekelwa kwezempilo okuyisisekelo ngokuqasha abasebenzi bezempilo yomphakathi abangaphezu kwezi-10 000 (ama-CHW) ohlelweni lwezempilo lukahulumeni.
- Inggalasizinda Yezamasu Okusebenza Ezempilo
- Ukuqaliswa kokusebenza kwezinhlelo zezempilo zezobuxhakaxhaka besimanje okubizwa ngokuthi i- E-Health Systems.

Umpumela: Intuthuko eqhubekayo esilinganisweni seminyaka yokuphila yabantu baseNingizimu Afrika

Izinhlelo Zokungenelela

Umpfumela: Intuthuko eqhubekayo esilinganisweni seminyaka yokuphila yabantu baseNingizimu Afrika

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukuqhuba imikhankaso yezempilo nendlelakuphila enempilo yesifundazwe ukuze kuncishiswe izifo kanye nempilo engeyinhle, okuhlanganisa nezifo ezithathelanayo.
- b) Ukuqalisa kokusebenza nokuqapha izinhlelo zokunciphisa umthelea we-COVID-19.
- c) Uhlelo Lokuqeda Umalaleveva.
- d) Uhlelo Lokukhuthaza Indlelakuphila enempilo Nenomdladla olufaka imikhakha eyahlukene kahulumeni.

UMpfumela : Ukunciphisa izinga lokushona komama nezingane

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukuhlinzekwa kwezinhlelo zokunakekelwa komama abakhulelwe eziseqophelweni eliphezulu.
- b) Ukuqalisa uhlelo lokugoma.
- c) Ukwenza ngcono ukwenganyelwa okudidiyelwe kwezinsiza zezifo zezingane.

IMINXA EKUGXILWE KUYO EBANDAKANYA ZONKE IZINHLELO

Umthelela: Bonke Abesifazane, Amantombazane, Intsha kanye Nabantu Abakhubazekile Bathokozela Ukunakekelwa Kwezempilo Okuseqophelweni Eliphezulu kanye Namathuba Okuphila Angcono.

Umpfumela: Imiphumela ethuthukisiwe yezemfundo nezempilo kanye nokuthuthukiswa kwamakhono kubo bonke abesifazane, amantombazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile.

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Izinhlelo ezihlosiwe zokuthuthukisa imikhankaso nezinhlelo ezikhona ezimayelana nokutheleleka okusha ngeSandulelangculazi (i-HIV) entsheni, abesifazane kanye nabantu abakhubazekile.
- b) Uhlelo oluhlosiwe mayelana nezempilo yentsha yezocansi kanye nokuzala kanye namalungelo, kuhlanganisa ukubhekana nokukhulelwa kwentsha kanye nokuziphatha okuyingozi.

“Inqcebo yangempela yimpilo, hhayi igolide nesililiva.”

-Mahatma Gandhi

Uhlelo Oluseqhulwini 4: Ukuhlanganiswa Kwamaholo Omphakathi ngokuhlinzeka izidingongqangi zomphakathi ezethembekile nezisezingeni



Uhlelo lokuvikelwa komphakathi olubanzi, olubandakanya wonke umuntu nolusabelayo luqinisekisa ukuzinza kwezakhamizi okudinga izinyathelo ezithuthukisa ukwethembeka kanye neqophelo lezinsiza eziyisisekelo ngokugxila emandleni okukwazi ukwenza kanye nokufezekisa izidingo zomphakathi obuthaka nosengcupheni yokungakwazi ukuzisiza.

UHLELO OLUSEQHULWINI 4: UKUHLANGANISWA KWAMAHOLO OMPHAKATHI NGOKUHLINZEKA IZIDINGONGQANGI ZOMPHAKATHI EZETHEMBEKILE NEZISEZINGENI

UMTHELELA : UHLELO LOKUVIKELWA KOMPHAKATHI OLUBANDAKANYA WONKE UMUNTU NOLUSABELAYO

IMIPHUMELA

1. Inhlalakahle yomphakathi enoguquko.
2. Ukwandiswa kokufinyelela ezinsizeni zezokuthuthukiswa kwezingane zisezincane (i-ECD) eziseqophelweni nokwesekwa.
3. Uhlelo oluphelele lokuvikelela komphakathi.
4. Izinhlelo zokuthuthukiswa komphakathi ezizinzile.
5. Uhlelo lukazwelonke oludidiyelwe lokuvikeleka komphakathi (i-NISPIS).
6. Impumelelo yokwenganyelwa kwezempilo yokuya esikhathini nokuhlanzeka yabo bonke abantu besifazane namantombazane.
7. Ukwandise kokufinyelela emathubeni entuthuko ezinganeni, intsha kanye nabazali/ ababheki bezingane.

IMIPHUMELA AND IZINHLELO ZOKUNGENELELA

UMTHELELA: UHLELO LOKUVIKELWA KOMPHAKATHI OLUBANDAKANYA WONKE UMUNTU NOLUSABELAYO

Umphumela: Inhlalakahle yomphakathi enoguquko

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukwandisa isibalo songoti ababhekele imisebenzi yezenhlalakahle.
- b) Ukudala isimo esivumela izinsiza zezingane ngokusebenzisa umthetho, inqubomgomo, imikhuba esebenzayo, ukuqapha, ukuhlola nokuqinisekisa iqophelo.
- c) Ukubuyekeza izinhlelo zezomthetho zemisebenzi yezokuthuthukiswa kwezenhlalakahle.
- d) Ukubhekelela kabusha inhlalakahle yomphakathi ekuthuthukisweni komphakathi kanye nokuthuthukiswa kwamakhono.
- e) Ukuqinisa izinhlelo zokusebenzisana kanye nokuthuthukiswa kwamakhono kwezinhlango ezingenzi nzuzo (ama-NPO) ukuze kwandise ukuhlinzekwa kwezidingongqangi zomphakathi.
- f) Ukwakha iqoqo elingumongo lezinhlelo zokungenelela kwezenhlalakahle okuhlanganisa ukusekelwa komphakathi okubalulekile ngokwengqondo kanye nezinkambiso nezindinganiso zokusetsheenziswa kwedakamizwa budedengu, udlame olubhekiswe kwabesifazane nezingane, imindeni kanye nemiphakathi.
- g) Ukuqinisa izinhlelo zokugwema nokubhekana nokusetshenziswa kwezidakamizwa

UMTHELELA: UHLELO LOKUVIKELWA KOMPHAKATHI OLUBANDAKANYA WONKE UMUNTU NOLUSABELAYO

Umpumela: Inhlalakahle yomphakathi enoguquko

Izinhlelo Zokungenelela

budedengu.

Umpumela : Ukwandiswa kokufinyelela ezinsizeni zezokuthuthukiswa kwezingane zisezincane (i-ECD) eziseqophelweni nokwesekwa

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukuhlinzeka izinsiza zokuthuthukiswa kwezingane zisencane (i-ECD) eziseqophelweni eliphezulu ezinganeni (0-4).
- b) Ukudlulisela isibopho sezinkulisa kuMnyango Wezemfundo (Lokhu kuhambisana noHlelo Oluseqhulwini 3).
- c) Ukuhlanganisa nokusebenzisa inqubo yokuhlela ye-ECD, ukuxhasa ngezimali, ukubhalisa nenqubo yolwazi
- d) Ukuhlanganisa nokusebenzisa inqubo yokuhlolwa kokulungela ukuqaliswa kwezikole
- e) Ukubhekana nokukhishelwa ngaphandle kokuthola izibonelelo zikahulumeni ku- CSG ngokwandisa ukufinyelela kwe-CSG ezinganeni ezineminyaka yobudala ephakathi kwe-0- 1.
- f) Ukwenza ngcono isibalo sabafinyelela ezinsizeni anye nokusebenza ngempumelelo.
- g) Ukunwetshwa kohlelo lokuthuthukiswa kwezingane zisencane ukuze lufinyelele nasemiphakathini esemakhaya asemajukujukwini ngokunjalo nemiphakathi esemapulazini.

Umpumela: Uhlelo oluphelele lokuvikeleka komphakathi

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukukhokhwa kwezibonelelo zikahulumeni kubo bonke abahlomuli abafanelekile.
- b) Ukwenza ngcono isibalo sabahlomula kumshwalense wophakathi ngokunjalo nokusebenza ngempumelelo kwawo.

Umpumela: Izinhlelo zokuthuthukiswa komphakathi ezizinzile

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukuthuthukisa uhlaka lwemithetho lwezinhlangano ezingenzi nzuzo (ama-NPO) ukuze kukhuthazwe ukwenganyelwa okuhle nokuba nesibopho sokubika nokuphendula.
- b) Ukuqinisa izinhlelo zokusebenzisana kanye nokuthuthukiswa kwamakhono kwezinhlangano ezingenzi nzuzo (ama-NPO) ukuze kwandiswe ukuhlinzekwa kwezidingongqangi zomphakathi.
- c) Ukwakha imiphakathi ephilile nesimeme.
- d) Ukuqalisa izinhlelo zezokuphepha kokutholakala kokudla ezimaqondana nabantu namakhaya abuthaka nasengcupheni yokungakwazi ukuzisiza.
- e) Ukufaka isandla nokuhlinzeka amathuba omsebenzi kuzakhamuzi ezisengcupheni yokungakwazi ukuzisiza kanye nezigajwe ububha.
- f) Ukusheshisa ukwethulwa koHlelo Olubanzi Olumaqondana Nokugedwa Kobubha kanye nokuhlola igalelo lalo kumawadi antula kakhulu.

Imiphumela: Uhlelo lukazwelonke oludidiyelwe lokuvikeleka komphakathi (i-NISPIS).

Izinhlelo Zokungenelela

Ukudidiyela izinhlelo zolwazi lokuvikela umphakathi ukuze ulethelwe kangcono izinsiza..

IMINXA EKUGXILWE KUYO EBANDAKANYA ZONKE IZINHLELO

Umphumela: Impumelelo yokwenganyelwa kwezempilo yokuya esikhathini nokuhlazeka yabo bonke abantu besifazane namantombazane.

Izinhlelo Zokungenelela

Ukuhlinzeka imisubelo (ama-sanitary towels) emantombazaneni nabesifazane abantulayo ezikoleni (izikole ezingaphansi kuka- quintile 1, 2 no 3, izikole ezisemapulazini kanye nezikole zabafundi abanezidingo eziyisipesheli)

Umphumela: Ukwandisa kokufinyelela emathubeni entuthuko ezinganeni, intsha kanye nabazali/ ababheki bezingane

Izinhlelo Zokungenelela

- a) Ukuqalisa izinyathelo zokuqinisekisa ukuhlolwa ngokushesha kokuthuthuka kwazo zonke izingane zisencane futhi kube nemigomo yokufaneleka echazwe kahle ukuze kuncishiswe amaphutha okushiya ngaphandle ekuhlinzekweni ngosizo lwezibonelelo zikahulumeni ezinganeni ezikhubazekile
- b) Ukuqinisekisa ukwethulwa kweqoqo lezinsiza zezehlalakahle emindenini enakekela izingane nabantu abadala abakhubazekile kungakhathaleki ukuthi bahlala kuphi.
- c) Ukuqinisekisa ukufinyelela kwabo bonke abantu abakhubazekile ezinsizeni zomphakathi ezididiyelwe ezimaqondana nomuntu ngamunye/ zokweseka ukuthi umuntu akwazi ukuzimela emphakathini kungakhathaleki ukuthi uhlala kuphi.



Uhlelo Oluseqhulwini 5: Ukudidiyelwa Kwezindawo, Ezokuhlaliswa Kwabantu kanye noHulumeni Wendawo

Lolu helo oluseqhulwini lufaka lezi zinhlelo ezingqala ezilandelayo:

Ukudidiyelwa Kwezindawo

Ukunakekelwa Kwemvelo kanye Nokuguquka Kwesimo Sezulu

Umnotho Wezindawo Zasemakhaya

Ezokuhlaliswa Kwabantu

Ukuhlinzekwa Kwezidingongqangi Zomphakathi

Ukudidiyelwa kwezindawo



Ukubhekana nokungabibikho kobulungiswa ekuhlukanisweni kwezindawo ngokomlando, i-NDP ifuna ukuba kuthathwe izinyathelo eziphuthumayo, ezihlelwe kahle nezilandelekayo zokuguqula ukwabiwa kwezindawo kuzwelonke, ngokubhekelela izidingo ezingafani namandla ezindawo ezehlukene zasemakhaya nezasemadolobheni. I-NDP iphinde iphakamise nokuthi kuhlanganiswe uHlaka Lokuthuthukiswa Kwezindawo Lukazwelonke (i-NSDF), kanti le-PGDS ithathiselwe oHlakeni Lokuthuthukiswa Kwezindawo Lwesifundazwe (i-PSDF). Lezi Zinhlaka

Zokuthuthukiswa Kwezindawo (ama-SDF) zigxile ikakhulu ekwesekeni ukuhlelwa nokuthuthukiswa kwezindawo okudidiyele.

UMTHELELA: UKUFAKA UKUDIDIYELWA KWEZINDAWO NGENHLOSO YOKUSHESHISA UKULETHWA KOGUQUKO NOZINZO EZIFUNDENI EZINGAPHANSI KUKAZWELONKE.

IMIPHUMELA

1. Ukuthuthukiswa kwezindawo kuzwelonke okudidiyelwe nokuhlangene ukuze kukhule umnotho futhi kube noguquko lwezindawo.
2. Ukuthuthukiswa kwezifunda ezingaphansi kukazwelonke okusebenzayo ezindaweni zasemadolobheni nezasemakhaya.
3. Ukulethwa kwezidingongqangi zomphakathi okudidiyelwe, uguquko ezindaweni zokuhlala kanye nokukhula okubandakanya wonke umuntu ezindaweni zasemadolobheni nasezindaweni zasemakhaya.

IMIPHUMELA KANYE IZINHLELO ZOKUNGENELELA

Imiphumela : Ukuthuthukiswa kwezindawo kuzwelonke okudidiyelwe nokuhlangene ukuze kukhule umnotho futhi kube noguquko lwezindawo

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukuphuthula ukuhlanganiswa koHlaka Lokuthuthukiswa Kwezindawo Lwesifundazwe (i-PSDF).
- 2) Ukusebenzisa uHlaka Lokuthuthukiswa Kwezindawo Oludidiyelwe ukuze kuthathiselwe kulo ukuhlela nokuqaliswa kokusebenza.
- 3) Ukuqapha ukusebenza komhlahlandlela kazwelonke omaqondana nokuchazwa kwezindawo ngokwezindombolo (i-geospatial referencing) uma sekuphuthuliwe ukuhlanganiswa kwawo kuzwelonke.

Umpfumela : Ukuthuthukiswa kwezifunda ezingaphansi kukazwelonke okusebenzayo ezindaweni zasemadolobheni nezasemakhaya

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukusungula ukusebenzisana kwezikhungo zesifunda ezizindeni ezibekwe eqhulwini ezisezifundeni eThekwini naseMgungundlovu (izinhlaka zezifunda zamadolobha ezisebenzayo).
- 2) Ukuthuthukiswa kokuhlelwa kwezindawo ngokwezifunda kanye nokudidiyelwa kokuqaliswa kokusebenza ezindaweni ebezivele zihlonzwe zaba seqhulwini nalezo ezisanda kuhlonzwa.
- 3) Ukuhlelwa kwezizinda eziyizindawo ezibekwe eqhulwini esifundazweni okuzokwakhiwa kuzo amadolobha abizwa ngama-Smart City
- 4) Ukusungula izinhlelo zokubambisana kwezikhungo zezifunda ngokusebenzisa izivumelwano zokuqalisa ngokuhlanganyela noma izindlela ezifanele. .
- 5) Ukuqaliswa koHlaka Oludidiyelwe Lokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemadolobheni (i-IUDF) ngokweseka omasipala abahlonziwe okuzovinywa kubo uhlelo kanye nokwethulwa kwe-IUDF kwamanye amadolobha.

Umpfumela: Ukulethwa kwezidingongqangi zomphakathi okudidiyelwe, uguquko ezindaweni zokuhlala kanye nokukhula okubandakanya wonke umuntu ezindaweni zasemadolobheni nasezindaweni zasemakhaya

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) UHlelo Olugxile ezifundeni (i-DDM) oluyinsiza yokuhlinzekwa kwezidingongqangi zomphakathi okudidiyelwe, uguquko ezindaweni zokuhlala kanye nokukhula okubandakanya wonke umuntu (okubandakanya izinhlelo Zokuvuselela Umnotho Wesifunda kanye nawo wonke amanye aMaqhingasu Esifundazwe).
- 2) Ukusekela ukuthuthukiswa kwamabhezini emalokishini ngokutshalwa kwezimali kanye nezinye izinhlelo zokwesekwa okungezona ezezimali, futhi kususwe imithetho evimbelayo, ukuze kuqinisekise ukudidiyelwa komnotho wasemalokishini ezinhlelweni zokuthuthukiswa komnotho wendawo. Qaphela: UMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho (u-EDTEA) kumele ubike ngalokhu ngokusebenzisa ikomidi le- ESIEID kanye neKomidi le-GSCID nangokusebenzisa iThimba elijutshelwe Ukusebenza (i-AWG) elinesibopho sokubhekana nomsebenzi wokuhlanganisa imiqulu emaqondana nezindawo.
- 3) Ukuhlonza nokusebenzisa izakhiwo nomhlaba kahulumeni osezindaweni ezingamadolobha nezisemakhaya njengendlela yokulethwa koguquko lwezindawo kanye noguquko kwezolimo.
- 4) Ukuhlinzekwa kwezinsiza zomphakathi ezididiyelwe (Izikhungo Ezihlinzeka Izinsiza Zomphakathi).
- 5) Ukuqiniswa kanye nokuqaliswa kokusebenza kwezinhlelo zokulawulwa kokusetshenziswa komhlaba eSifundazweni sonkana.
- 6) Ukuqapha ukuqaliswa koHlelo Lokuvuselela kanye Kwamadolobha Amancane olubizwa ngokuthi i- Small-town Regeneration and Rehabilitation Programme.

Ukunakekelwa Kwezemvelo kanye Nokuguquka Kwesimo sezulu



Izingqinamba zethu zentuthuko kumele kubhekane nazo nangendlela eqinisekisa ukuzinza kwemvelo nokuthi imvelo ikwazi ukumelana nomphumela wokuguquka kwesimo sezulu, ikakhulu emiphakathini entulayo.

UMTHELELA : IMITHOMBO YEZEMVELO IYANAKEKELWA FUTHI IZIKHUNGO NOMASIPALA BAYAKWAZI UKUBHEKANA NOMTHELELA WOKUGUQUQUKA KWESIMO SEZULU.

IMIPHUMELA

1. Ukuncishiswa kwe- GHG (ukunqandwa).
2. Ukulungela kumaMasipala ukubhekana nokuguququka kwesimo sezulu (Ukuhambisana nesimo).
3. Ukufudukela ngokufanele kumnotho wekhabhoni ephansi (ukunciphisa).
4. Ukwenziwa ngcono kwesimo sengqalazizinda yezemvelo.

IMIPHUMELA KANYE NEZINHLELO ZOKUNGENELELA

Umpfumela : Ukuncishiswa kwe-GHG (ukunqandwa)

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukuqapha amazinga e-GHG KwaZulu-Natali.
- 2) Ukuthuthukisa amakhono kanye nokwaba izinsiza ezanele zokuqalisa ukusebenza kwezinhlelo zokuguququka kwesimo sezulu komasipala.
- 3) Ukuhlenganisa nokuqalisa ukusebenza kweQhingaswe LesiFundazwe Lokulawula Ukuguququka Kwesimo Sezulu.

Umpfumela : Ukulungela kumaMasipala ukubhekana nokuguququka kwesimo sezulu (Ukuhambisana nesimo)

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukunika amandla omasipala ukuze baxhase futhi baqalise izinhlelo zokuguququka kwesimo sezulu kanye nezindlela zokuhambisana besimo.
- 2) Ukucutshungulwa kokunakekelwa kwengqalazizinda kamasipala nokulungela izinhlekelele zokuguququka kwesimo sezulu.

Umpfumela : Ukufudukela ngokufanele kumnotho wekhabhoni ephansi (ukunciphisa)

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukuphuthula izinhlelo ezine 4 (ezamanda, ezokuthutha, ezolimo kanye nezemfucuzo).
- 2) Ukuqhakambisa umnotho okhuthaza intuthuko esimeme egxile kwezemvelo nezasolwandle (Lokhu kuhambisana noHlelo Oluseqhwini 2 olufaka imiklamo yezamandla avuselelekayo futhi lokhu kuzobikwa ngaphansi kwalolo hlelo).

Umpfumela: Ukwenziwa ngcono kwesimo sengqalasizinda yezemvelo

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukuvuselela nokubuyisela umhlaba ngokushesha nangokunzulu.
- 2) Ukuvuselelwa nokubuyiselwa kwamaxhaphozi.
- 3) Ukusungulwa kwezinhlelo zokuphatha.
- 4) Ukwandisa ezindaweni zokongiwa kwemvelo.
- 5) Ukuqaliswa kwezinhlelo zokulawulwa nokuvikela izindawo zokongiwa kwemvelo.
- 6) Ukuthuthukiswa kanye nokuqaliswa koHlelo Lwezifundazwe Lezokwenganyelwa Kogu.
- 7) Ukuqashwa kwemifula emikhulu ukuze kuqaliswe ukusebenza kwezinyathelo Eziqondiswe Kuziinsiza (okungukuthi ukuhlukaniswa, izinjongo zezingabunjalo leziinsiza kanye nendawo yokulondoloza).
- 8) Ukuqalisa ukuqashwa kwesimo semvelo somfula
- 9) Ukuhlanganiswa nokuqaliswa kwezinhlelo zokulawula kwamanzi angcolile.
- 10) Ukuqashwa kwabasebenzisi bamanzi bemikhakha eyahlukene ukuthi bayahambisana yini nezimiso zamalayisensi okusetshenziswa kwamanzi.
- 11) Ukuqapha izingabunjalo lomoya ozungezile.

“Ngokuvamile, siyaye sicabange ekugcineni ngemvelo ngob sikholelwa ukuthi okuhamba phambili ngukuqeda ububha. Kungabe uyakwazi yini ukunciphisa ububha usesikhaleni? Empeleni, ubunciphisa usendaweni ethile.” -Wangari Maathai

Umnotho Wezindawo Zasemakhaya (Ukubuyekezwa nokubuyiselwa komhlaba okuzinzile kanye nokulethwa koguquko kwezolimo)



Umnotho wezindawo zasemakhaya unamandla amakhulu okudala amathuba emisebenzi enesizotha negculisayo, ufaka isandla entuthukweni esimeme nasekukhuleni komnotho, futhi unciphisa ukufudukela kwabantu basemakhaya emadolobheni. Ukuqhakanjiswa komsebenzi onesizotha emnothweni wazezindaweni zasemakhaya yikho okuyisisekelo sokuqedwa kobubha kanye nokuqinisekisa ukuthi kuyahlangatshezwana nezidingo zokuthola ukudla okunomsoco zomphakathi okhulayo.

UMTHELELA : UGUQUKO OLUSHESHAYO LOMHLABA KANYE NEZOLIMO OKUFAKA ISANDLA EKUNCIPHENI KOKUKANGALINGANI, UKWABIWA KOMHLABA NGOKULINGANAYO KANYE NOKUPHEPHA KOKUTHOLAKALA KOKUDLA

IMIPHUMELA

1. Ukuguqulwa komhlaba okuzinzile.
2. Ukulethwa koguquko kwezolimo.

IMIPHUMELA KANYE NEZINHLELO ZOKUNGENELELA

Umpfumela: Ukuguqulwa komhlaba okuzinzile

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukutholakala komhlaba ukuze kube nokwabiwa kwawo kabusha, ukubuyiselwa kanye nokuguqulwa kwezindawo zokuhlala.
- 2) Ukusheshisa ukuxazululwa kwezikhalo zomhlaba ezingakaxazululwa kanye nemiklamo yokubuyiselwa komhlaba.
- 3) Ukuhlolwa kokusebenza kohlelo lokubuyiswa komhlaba ongamapulazi kanye nokweseka abalimi ngoHlelo Lokweseka Abalimi; uHlelo Lwengqalasizinda kanye nohlelo i- Feedlot.
- 4) Ukuhlinzekwa kwemiklamo yokubuyiswa komhlaba ehambisana nokwesekwa ngemva kokubuyiselwa kumhlaba.
- 5) Imiklamo Edidiyelwe Yokubuyiswa Komhlaba efakwe eHlelweni olubizwa nge- District One Plans ukuze kugcinwe/kwandise umkhiqizo wezolimo.
- 6) Ukuhlinzekwa kwamalungelo amanzi kumiklamo yokubuyiswa komhlaba (amalayisensi okusebenzisa amanzi).

Umpfumela: Ukulethwa koguquko kwezolimo

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukwandisa amaHektha omhlaba olinywayo ezindaweni zasemakhaya nezingaphansi kwamakhosi.
- 2) Ukuncishiswa komhlaba owonakele bese uobuyiselwa ekukhiqizeni.
- 3) Ukwesekwa kwabalimi abasafufusa ukuze bakwazi ukwenza imisebenzi kokudla kanye nemisebenzi yokuhweba.
- 4) Ukwesekwa kwabalimi abasafufusa ngamakhono, ingqalasizinda kanye nezindlela zokwesekwa ngemali ukuze bandies ukukhiqiza.
- 5) Ukuklanywa nokusungulwa kwezindawo zokugcina imfuyo kanye nezindawo zokuthengisa endalini.
- 6) Ukusungulwa kwezizinda zemikhiqizo yezolimo ezibizwa ngama- Agri-hubs kanye nezindawo zokulungisa imikhiqizo yezolimo ukuze ilungele ukuthengiswa. (Qaphela: Lokhu kubikiwe nangaphansi koHlelo Oluseqhulwini 2).
- 7) Ukusungulwa kwazindawo ezinkulu zokukhiqiza izithombo nezihlahla zezithelo.
- 8) Ukukhuthaza nokweseka intuthuko yezoLimo yaseMakhathini Flats.
- 9) Ukuqalisa uhlelo lokuLethwa Koguquko Olusheshayo Kwezenhlokomnotho (i-RASET).
- 10) Ukuletha uguquko kwezokulinywa komhlaba ngokuthi kusetshenziswe izindlela zokongiswa kwezolimo (izingubo zezolimo ezisekela ukusimama kwemvelo).

Ezokuhlaliswa Kwabantu



Ukuhlaliswa kwabantu ngokulingana kusho ukulethwa kwentuthuko ezindaweni zasemadolobheni nezasemakhaya ngenhloso yokuqeda ububha okwakwenziwe esikhathini esedlule. Kusemqoka ukuthi imiphakathi nezindawo ezihlala abantu zikwazi

ukuzimela ngokomnotho, zibe nokulingana, kuhlaleke kuzo futhi zisimame.

UMTHELELA	A. Ukufezekisa ukulethwa koguquko kwezezindawo ngokuba kube noKuthuthukiswa Kwezindawo Zokuhlala Ezididiyelwe okwenziwe ngcono ngokunjalo Nokuxhumanisa Amathuba Emisebenzi kanye Namathuba Ezindlu.
IMIPHUMELA	1. Ukulethwa koguquko kwezezindawo ngokuba nokudidiyelwa kwezinhlelo eziningi ezindaweni zentuthuko ezibekhwe eqhulwini. 2. Izindlu ezanele kanye neqophelo lezimo zokuhlala elenziwe ngcono.
UMTHELELA	B. Amalungelo Ezakhiwo Aqiniswe Kahle Ahlinzeka Amathuba Kubantu Ngabanye Ukuba babambe iqhaza ezinhlelweni zezomnotho eziholela ekuvulekeni kwemakethe Esebenza kahle.
UMPHUMELA	Ukuqeda ukusilela emuva kanye nokukhishwa kwamatayitela.
UMTHELELA	C. Ukuletha uguquko ezindleleni zobunikazi kanye nokwengamela Ngokusekela Amabhizinisi Aphethwe Naholwa Ngabantu Besifazane.
UMPHUMELA	Ukwenyuka kokufinyelela kuguquko kwezomhlaba, ezezindlu, indawo yokuhlala ephophile, ukufinyelela kanye nokuklama kwendawo yonke kanye nezokuhamba eziphephile nezingambi eqolo kanye nezinsiza zobuchwepheshe bobuxhakaxhaka besimanje (i-ICT)

UMPHUMELA KANYE NEZINHLELO ZOKUNGENELELA

Umthelela: Ukufezekisa ukulethwa koguquko kwezezindawo ngokuba kube noKuthuthukiswa Kwezindawo Zokuhlala Ezididiyelwe okwenziwe ngcono ngokunjalo Nokuxhumanisa Amathuba Emisebenzi kanye Namathuba Ezindlu.
Umpfumela: Ukulethwa koguquko kwezezindawo ngokuba nokudidiyelwa kwezinhlelo eziningi eMinxeni yentuthuko ebekhwe eqhulwini.
Izinhlelo Zokungenelela
1) Ukutshalwa kwezimali ezindaweni zentuthuko ezibekwe eqhulwini.
2) Ukuphothulwa kohlelo oludidiyelwe lokuqaliswa kwama-PDA.
3) Ukuqhutshwa kwemiklamo yokuHlaliswa kwaBantu ngokuxoxisana neMinyango kaHulumeni eyahlukene ukuze kuqinisekiswa intuthuko edidiyelwe ngokusebenzisa uHlelo Lwentuthuko Olugxile Ezifundeni (i-DDM).
4) Ukuklanywa kabusha komhlaba otholakale phakathi konyaka wezi-2014 kuya kowezi-2019 owela ngaphakathi kwama-PDA ngenhloso yokuthuthukiswa kwezokuhlaliswa kwabantu.

Umpfumela : Izindlu ezanele kanye neqophelo lezimo zokuhlala elenziwe ngcono
Izinhlelo Zokungenelela
1) Ukuhlinzekwa kwezindlu ngokusebenzisa indlela yoxhaso lwezindlu.
2) Ukugunyaza izicelo nokuthengwa kwezindlu ngokoHlelo Lokuxhaswa Ngezimali Yezezindlu Komuntu Ngamunye olubizwa nge- Finance Linked Individual Subsidy Programme (i-FLISP).
3) Ukuhlinzeka ngeziza esezinazo zonke izinsiza eziyisekelo.
4) Ukunhlinzeka izindlu zokuhlala umphakathi/ izindlu zokuqasha ezindaweni zentuthuko

Umphumela : Izindlu ezanele kanye neqophelo lezimo zokuhlala elenziwe ngcono

Izinhlelo Zokungenelela

ezibekwe eqhulwini (ama- PDA).

- 5) Ukuhlinzeka izindlu zokuhlala zomphakathi (ama-CRU) / izindlu eziqashisayo ezindaweni zentuthuko ezibekwe eqhulwini (ama-PDA).
- 6) Ukulungiswa kwabusha kwemijondolo ibe seSigabeni 3
- 7) Uhlelo Olubhekele Ukuhlaliswa Kwabahlali BaseMapulazini.

Umphumela: Ukuqeda ukusilela emuva kanye nokukhishwa kwamatayitela.

Izinhlelo Zokungenelela

Ukuqeda ukusilela emuva kanye nokukhishwa kwamatayitela.

IMINXA EKUGXILWE KUYO EBANDAKANYA ZONKE IZINHLELO

Umthelela: Ukuletha uguquko ezindleleni zobunikazi kanye nokwengamela Ngokusekela Amabhizinisi Aphethwe Naholwa Ngabantu Besifazane

Umphumela : Ukwenyuka kokufinyelela kuguquko kwezomhlaba, ezezindlu, indawo yokuhlala ephephile, ukufinyelela kanye nokukhlama kwendawo yonke kanye nezokuhamba eziphephile nezingambi eqolo kanye nezinsiza zobuchwepheshe bobuxhakaxhaka besimanje (i-ICT)

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Uhlelo oluhlosiwe lokwandisa ukufinyelela kanye nobunikazi bomhlaba ezindaweni zasemadolobheni nasezindaweni zasemakhaya, okuhlanganisa nokunikezwa kwamatayitela kubantu besifazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile.
- 2) Izinhlelo zokusheshisa ukufinyelela ngokulingana emathubeni ezinhlobo ezahlukene ezindlu nokuba ngabanikazi bazo, indawo yokuhlala ehloniphekile kanye nezimo zokuhlala eziphephile
- 3) Ukubekwa eqhulwini ukuhlinzekwa kwezindlu kulabo bantu abasengcupheni yokungakwazi ukuzisiza nalabo ababuthaka.
- 4) Ukuhlanganisa icebo lokubeka eqhulwini nokuqeda ukusilela emuva okumaqondana nezindlu zalabo bahlomuli abakhubazekile.

“Intuthuko esimeme iyindlela yekusasa esilifisela wonke umuntu. Ihlinzeka ngohlaka lokukhiqiza ukukhula komnotho, ukuzuzisa ubulungiswa kwezenhlalo, ukusebenzisa ukunakekela imvelo kanye nokuqinisa ukubusa.”

- Ban Ki-moon

INingizimu Afrika iyindawo enhle kakhulu emhlabeni. Ngiyavuma, ngichemile kodwa uma uhlanganisa ubuhle bemvelo... kanye nokuthi kule ndawo kutholakala izilwane zasendle ezinhle kakhulu zase-Afrika... Nakho-ke, ngicabanga ukuthi sibusiswe ngempela ngezwe elimangalisayo.

-Nelson Mandela

Ukuhlinzekwa Kwezidingongqangi Zomphakathi



Yize nanoma kukukhulu osekwenziwe ngokumaqondana nokuhlinzekwa kwezidingongqangi, ziseziningi izinselelo okusadinga ukuba kubhekwane nazo ukuqinisekisa ukuthi kuba nentuthuko esimeme ezindaweni zasemadolobheni nezasemakhaya. Lokhu kufaka:

- Ukusheshisa ukuhlinzekwa kwezidingongqangi nengqalasizinda kuyo yonke imizi.
- Ukwenza ngcono umthamo wokuhlinzekwa kwezidingongqangi, ingqalasizinda eseqophelweni kanye nezithuthi zomphakathi ezididiyelwe
- Ukutshalwa kwezimali ekulungisweni kwengqalasizinda, kukhishwe ingqalasizinda esigugile kufakwe entsha.
- Ukuphucula ukusebenza nokunakekela ezingeni likamasipala bese kuqikelelwe ukuthi kunamamakhono adingekayo azokwazi ukulawula nokunakekela ingqalasizinda.
- Ukuqinisa imizamo yokuthi wonke umuntu akwazi ukuba nogesi ngokwandiswa ukufakelwa kukagesi kuyo yonke imizi.



UMTHELELA	UKWENZA NGCONO UKUTHOLAKALA KWEZIDINGONGQANGI ZOMPHAKATHI EZIYISISEKELO – UKUTHOLAKALA KWAMANZI OKUPHUZA APHEPHILE (95%), UKUTHOLAKALA KWEZOKUTHUTHWA KWENDLE NENHLANZEKO (90%), UKUQHUTHSWA KWEMISEBENZI YOKUHLANZWA KWAMANZI ANGCOLILE (100%) KANYE NAMAkhAYA ANOGESI (100%).
IMIPHUMELA	<ol style="list-style-type: none"> 1. Ukuhlinzekwa kwezidingongqangi zomphakathi eziyisisekelo okwenziwe ngcono, ingqalasizinda eseqophelweni eliphezulu kanye nezithuthi zomphakathi ezididiyelwe ukuze kwandiswe ukufinyelela kwemindeni kuzidingongqangi eziyisisekelo. 2. Uhlelo lokunakekelwa kwamanzi olusebenza ngempumelelo ukuze kuzuze bonke abantu. 3. Izithuthi zomphakathi ezingambi eqolo, eziphephile nezithembekile.

IMIPHUMELA KANYE NEZINHLELO ZOKUNGENELELA

<p>Umpumela: Ukuhlinzekwa kwezidingongqangi zomphakathi eziyisisekelo okwenziwe ngcono, ingqalasizinda eseqophelweni eliphezulu kanye nezithuthi zomphakathi ezididiyelwe ukuze kwandiswe ukufinyelela kwemindeni kuzidingongqangi eziyisisekelo.</p>	
<p>Izinhlelo Zokungenelela</p>	
1)	Ukweseka omasipala ngokuqaliswa koHlelo lukaZwelonke Lokufakwa kukaGesi kwawo womabili amagridi okuxhunywa kukagesi emakhaya okubizwa ngokuthi on-and-off connection grids connections.
2)	Ukwesekwa kokunakekelwa nokuvuselelwa kabusha kolayini bakagesi bomasipala.
3)	Ukusheshisa ukuhlelwa kanye nokusetshenziswa kwamanethiwekhi amancane okudluliswa kwedatha esiFundazweni.
4)	Uhlelo lokuqapha ukulahlekelwa okumaqondana nokuhlinzekwa, uma kubhekwa abahlinzeki bakagesi abanamalaysensi.
5)	Ukwesekwa kokuqashwa kokuthotshelwa kwemibandela yelayisensi yokugcinwa nokulungiswa kabusha kwamanethiwekhi kagesi kamasipala
6)	Ukuhlolwa konyaka kwawo wonke ama- WSA.
7)	Ukuqalisa ukusebenza kwezinhlelo zokuthuthukisa umkhakha wezamanzi nama-WSA.
8)	Ukuqapha ukuqaliswa koHlelo Lukazwelonke Oludidiyelwe Lwezokuthuthwa Kwendle.
9)	Ukungabibikho kokubuyela emuva ngokumaqondana nokuqedwa kohlelo lokusetshenziswa kwamabhakede.
10)	Imiklamo yokuvuselela kabusha ukuze kubhekwane nokusebenza kwezinhlelo zokuqalisa ukwethembeka kwe-WSA.
11)	Ukuhlola imisebenzi yokuhlaza amanzi ukuze ihambisane nezidingo ze-Blue Drop Regulatory.
12)	Ukuhlolwa kwezinhlelo zamanzi ezingahambisani namaqophelo okulawula.
13)	Izinhlelo zokuncishiswa kwamanzi angangenisi mali: Ukuhlola uhlelo lokuxhunywa kwamamitha amanzi ngokwamaphesenti kokuxhunywa sekukonke ngokohlelo lwe-Water Service Authority (WSA).
14)	Ukuhlanganisa izinhlelo zeminyaka emihlanu zokwethembeka zoMasipala Bezifunda

Umpfumela: Ukuhlinzekwa kwezidingongqangi zomphakathi eziyisisekelo okwenziwe ngcono, ingqalasizinda eseqophelweni eliphezulu kanye nezithuthi zomphakathi ezididiyelwe ukuze kwandiswe ukufinyelela kwemindeni kuzidingongqangi eziyisisekelo.

Izinhlelo Zokungenelela

(Amanzi).

- 15) Ukuqaliswa kokusebenza (ukuphothulwa) kwemiklamo yokuphakelwa kwamanzi ngobuningi.
- 16) Ukuhlola ukuthi ezemisebenzi yokuhlaza amanzi angcolile iyahambisana yini nezidingo ze-Green Drop Regulatory.
- 17) Ukuqapha ukuthi izinhlelo zezamanzi angcolile ziyahambisana yini namaqophelo okulawula.
- 18) Ukuqalisa izinhlelo Zokulawulwa Kwemfucuzwa kuhulumeni wonkana, emkhakheni wezamabhezini azimele kanye nasemphakathini ngenhloso yokunciphisa ukulahlwa kwemfucuzwa yizindawo zokulahla imfucuzwa.
- 19) Uhlelo Oludidiyelwe Lokulawulwa Kwemfucuzwa lwaKwaZulu-Natali (i-IWMP).
- 20) Ukukhuthaza izinhlelo Zokulawulwa Kwamakhemikhali kuhulumeni wonkana, emkhakheni wezamabhezini azimele kanye nasemphakathini ukuze kuvikelwe imvelo nempilo yabantu.

Umpfumela : Uhlelo lokulawulwa kwamanzi olusebenza ngempumelelo ukuze kuzuze bonke abantu

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukwenziwa kocwaningo lwangaphambili kokuwaliswa kohlelo olumaqondana nokuvuselelwa kabusha kunokuba kwakhiwe amadamu amasha.
- 2) Ukuhlenganiswa, ukuqaliswa nokuqashwa kwezinhlelo ngenhloso yokweseka ukusebenza kohlelo lwemithombo yamanzi oludidiyele ukuze kubhekwan nezidingo zamanzi kanye nomthamo wamanzi.
- 3) Ukuqhamuka nokuqalisa ukusebenza kweelinye iqhingasulo lomthombo wezamanzi.
- 4) Ukuqaliswa kohlelo lokuthuthukiswa kwemithombo yamanzi (ukukhipha usawoti emanzini, amanzi emvula, ukuhlanzwa kwamanzi ukuze aphinde asetshenziswe kabusha, namanzi angaphansi komhlaba.

Umpfumela : Izithuthi zomphakathi bezingambi eqolo, eziphephile nezethembekile

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukunwetshwa koHlelo Lwezokuthuthwa Komphakathi Oludidiyele emadolobheni okubizwa ngokuthi i- Integrated Public Transport Networks.
- 2) Ukuvuselela kabusha izizinda zeokuthuthwa komphakathi.

“Sihlalele ethembeni lokuthi njengalokhu iNingizimu Afrika iphokophelele ukuzivuselela kabusha, izofana nenhlayiyana yomhlaba omusha ephokophelele ukuzalwa ..”

- Nelson Mandela

Uhlelo Oluseqhulwini 6: Ukuhlalisana Ngokuthula Komphakathi kanye noMphakathi Ophephie



“Ngibuswa ngumbono wezwe elibuswa ngokwentando yabantu nelikhululekile lapho bonke abantu behlala ndawonye ngokuzwana futhi benamathuba alinganayo.”
- Nelson Mandela

Kufanele kusingathwe uchungechunge lwezinhlelo ezihlanganisa izwe lethu ukuze kube neNingizimu Afrika kanye neKwaZulu-Natali ebumbene futhi ephephile. Ukufezekisa lo mbono, kufanele kukhuthazwe isiko lentando yabantu lokubamba iqhaza kanye nokulingana, kepha kudingeka nokuba kuqhutshwe izinhlelo okuhloswe ngazo ukuba kubhekwane nezenzo ezilulaza lezi zimiso. Ukuhlalisana ngokuthula komphakathi kanye nomphakathi ophephile kuyozuzwa ngokuba kuqiniseke izinkundla zezobulungiswa bobugebengu, nezamaphoyisa, Lo msebenzi angeke wenzeke ngale kokuba kuqale kuphuculwe ukwethembeka komkhakha kahulumeni kanye nezikhungo zawo.

Ukuhlalisana Ngokuthula Komphakathi

UMTHELELA	A. UMPHAKATHI OHLALISENE NGOKUTHULA EKWAHLUKANENI KWAWO OZIGQAJAYO NGOBUZWE OBUFANAYO
IMIPHUMELA	1. Ukuqinisa izimiso zomthethosisekelo.
	2. Amathuba alinganayo, ukubandakanywa kwawo wonke umuntu kanye nokulungisa okonakele.
	3. Ukuqhakambisa ukuhlalisana ngokuthula komphakathi ngokwandisa ukuxhumana kwabantu phakathi kwabantu abakuzo zonke izindawo nakuwo wonke amazanga.
	4. Ukukhuthaza izakhamuzi nobuholi obukhuthela.
UMTHELELA	B. UMPHAKATHI OBUSWA NGOKWENTANDO YABANTU, OLINGANAYO NOPHUMELELAYO
UMPHUMELA	Isivumelwano nomphakathi esibandakanya wonke umuntu ezinhlakeni zomphakathi ezingala

IMIPHUMELA KANYE NEZINHLELO ZOKUNGENELELA

Umthelela : Umphakathi Ohlalisene Ngokuthula Ekwahlukaneni Kwawo Ozigqajayo Ngobuzwe Obufanayo

Umphumela: Ukuqinisa izimiso zomthethosisekelo

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukuqalisa ukusebenza komthethosivivinywa omaqondana nezinkulumo ezinezindondo ngokunjalo namacala anezindondo (kaZwelonke): E-KZN: Ukuqaliswa kokuqhutshwa koMkhankaso Wokuqwashisa.
- 2) Ukuqhakambisa uMthethosisekelo kanye nezimiso zawo ezikoleni, imikhankaso yokuqwashisa, (emaphephandabeni kanye nezinkundleni zokuxhumana), ukuba nezingxoxo zomphakathi (kuhlanganisa noMkhankaso Odidiyelwe Omaqondana Namalungelo Abantu).
- 3) Ukukhuthaza ukuzigqaja ngobuzwe ngokuqinisekisa ukuba khona kwamafulegi emicimbini yokugubha izinsuku zesizwe, zezamasiko nezemidlalo ezikoleni, ukuqhuba imiklamo yokuqhakambisa ifulegi ebizwa ngokuthi i- Monument Flag project kanye ne- “I am the Flag Campaign”.
- 4) Ukwesekwa nguHulumeni kohlelo lokuvuselelwa kwezimilo.

Imiphumela: Amathuba alinganayo, ukubandakanywa kwawo wonke umuntu kanye nokulungisa okonakele

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukwenza ngcono ukuphoqelelwa koMthetho Wokuqashwa Ngokulingana.
- 2) Ukwenza ngcono ukumeleleka kwabantu ababencisheke amathuba phambilini kuwo wonke amazinga okusebenza.
- 3) Izinhlelo zokungenelela ezimayelana nokuguqula ukuziphatha ngokumaqondana nobulili kanye nokucwaswa kwabokufika.
- 4) Ukuqaliswa kokusebenza kanye nokuqapha ukusebenza kweQhingasu Elimaqondana Nokuhlalisana Ngokuthula Komphakathi kanye Nokuvuselelwa Kwezimilo.
- 5) Izinhlelo zokungenelela ezimayelana nokufezekiswa kwamalungelo abantu besifazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile.
- 6) Ukudidiyela ukuqaliswa koHlelo Lokusebenza likaZwelonke lokulwa nokucwasa ngokobuhlanga, ukubandlululwa ngokobuhlanga, ukucwaswa kwabokufika kanye nokungabekezelelani okuhlobene nakho ngokusebenzisa uMkhandlu Obhekele Ukuhlalisana Ngokuthula Komphakathi kanye Nokuvuselelwa Kwezimilo.
- 7) Ukwandisa ukwesekwa kwemboni yezobuciko ngohlelo lweMzansi Golden Economy.
- 8) Ukuthuthukisa kanye/ noma ukunakekela izikhungo zezamagugu (kuhlanganisa neZindawo Ezingamagugu Omzabalazo Nenkululeko) ukuze kuguqulwe isimo sezamagugu ezweni lonke.
- 9) Ukukhuthaza ukufundwa kwezomlando ezikoleni.
- 10) Ukukhuthaza ukuthuthukiswa kwezilimi ezisemthethweni.
- 11) Ukukhuthaza ukusetshenziswa kwezilimi zomdabu.
- 12)Ukwethula ukufundwa kwemojuli eyimpoqo emayelana nokwehlukahluka (ubulili, uhlanga nokukhubazeka) ukuze ifundwe ngabaphathi abaphezulu (i-SMS).
- 13) Ukweseka nokwandisa abasebenzi bezezilimi abaqeqeshiwe ngokukhipha imifundaze yokufundela izilimi.
- 14) Ukugqugquzela ukuthi kube noguquko kwezemidlalo nezokungcebeleka.
- 15) Ukuvuselela kabusha/ ukunakekela ingqalasizinda yezinqolobane zokugcinwa kwemilando ebhaliwe eyigugu.
- 16) Ukudidiyela/ ukweseka ukudidiyelwa kwamafilimu namadokhumentari amayelana nezindaba zaseNingizimu Afrika, kuhlanganisa umlando wenkululeko.

Umphumela: Ukuqhakambisa ukuhlalisana ngokuthula komphakathi ngokwandisa ukuxhumana kwabantu phakathi kwabantu abakuzo zonke izindawo nakuwo wonke amazinga.

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukukhuthaza ukufinyelela ezikhungweni zezamasiko/ iezikhungweni zomphakathi zezobuciko ngokunjalo nokubamba iqhaza ezinhlelweni zezobuciko, amasiko namagugu.
- 2) Ukuqalisa izinhlelo zezingxoxo zomphakathi/ ukuxoxisana komphakathi.
- 3) Ukuqaliswa kwezinkundla zokugqugquzela ukuhlalisana ngokuthula komphakathi eziqhutshwa ngamaNxusa Okuhlalisana Ngokuthula Komphakathi.
- 4) Ukugqugquzela ukubamba iqhaza kwezemidlalo nokungcebeleka ngokukhuthaza amathuba okuba abantu badlale ndawonye kanye nangokuhlinzeka izimpahla nemifaniswano yezemidlalo ezikoleni, ezizindeneni kanye nakumakilabhu.
- 5) Ukuthuthukisa abadlali abanethalente ngokubahlinzeka amathuba okuvelela

Imiphumela: Amathuba alinganayo, ukubandakanywa kwawo wonke umuntu kanye nokulungisa okonakele

Izinhlelo Zokungenelela

emiqhudelwaneni kazwelonke yezemidlalo yezikole (ama-national school sport championships) kanye nokweseka abadlali ngokwakhiwa kwezikhungo zokuqeqesha abadlali, ama-sport academy.

- 6) Ukweseka abadlali abasebenza ngokusezingeni eliphezulu ukuba baphumelele emidlalweni yamazwe ngamazwe.

Umpfumela: Ukukhuthaza izakhamuzi nobuholi obukhuthela

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukuqapha ukubamba iqhaza komphakathi okhethweni jikelele (okhethweni lukaZwelonke neloMasipala).
- 2) Ukukhuthaza ukubamba iqhaza komphakathi ezinhlelweni zokwengamela ezigxile emphakathini. (Izinhlangano ezikhuthaza izakhamuzi ezinomdlandla).
- 3) Ukuqhuba ngempumelelo ukhetho lohulumeni bezindawo ngonyaka wezi- 2021 njengalokhu kusho uMthethosisekelo weRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika.

Umthelela (KZN): Umphakathi Obuswa Ngokwentando Yabantu, Olinganayo Nophumelelayo

Umpfumela: Isivumelwano nomphakathi esibandakanya wonke umuntu ezinhlakeni zomphakathi ezingqala

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukuhlenganisa isivumelwano somphakathi esikhuthaza ukusebenzisana ukusebenzisana nezinhlaka zomphakathi ezingqala nokwakhiwa kwesizwe. Develop a Social Compact to promote collaboration among key social sectors to foster social cohesion and nation building.
- 2) Ukuqapha nokuqalisa ukusebenza kwesivumelwano somphakathi ngokumayelana nokuhlalisana ngokuthula komphakathi Monitor the implementation of a social compact for social cohesion and nation building.

Umphakathi Ophephile

UMTHELELA	A. UKUQONDA KWABATSHALIMALI OKWENZIWE NGCONO (UKUZETHEMBA)
UMPHUMELA	Ukwenziwa ngcono kwesilinganiso senkomba yenkohlakalo.
UMTHELELA	B. BONKE ABANTU BASENINGIZIMU AFRIKA BAPHEPHILE
IMIPHUMELA	1. Ukuncipha kobugebengu obuhleliwe.
	2. Ukwanda kokuzizwa komphakathi uphephile.
	3. Izizinda ze-inthanethi ezivikelekile.
	4. Umphakathi ovikelwe, oqashelwe nophephe kahle.
	5. Ukubuyiselwa kwezaphulamthetho emphakathini ngokwandisa isibalo sabagilwa ababamba iqhaza oHlelweni Lokubuyiselwa Esimweni ngokumaqondana nezobulungiswa olubizwa ngokuthi i-Restorative Justice Programme.
UMTHELELA	C. BONKE ABESIFAZANE, AMANTOMBAZANE, INTSHA KANYE NABANTU ABAKHUBAZEKILE BAZIZWA BEPHEPHILE FUTHI BATHOKOZELA INKULULEKO KANYE NEMPILO ENGCONO

IMIPHUMELA	Ukuncishiswa kwamazinga okucwaswa nokubandlululwa kanye nodlame olubhekiswe kubantu besifazane, izingane, izaguga, kanye nabantu abakhubazekile, kanye nabantu abangaphansi kwe-LGBTQIA+.
------------	---

IMIPHUMELA KANYE NEZINHLELO ZOKUNGENELELA

Umthelela: ukuqonda kwaBatshalimali Okwenziwe Ngcono (Improved Investor Perception (Ukuzethemba).
Umthelela : Ukwenziwa ngcono kwesilinganiso senkomba yenkohlakalo
Izinhlelo Zokungenelela
1) Ukuvala imali kanye nokushaqa impahla etholakale ngenxa yobugebengu.
2) Ukubuyiswa kwemali kanye nempahla etholakale ngenxa yobugebengu.
3) Ukwehliswa kwamazinga enkohlakalo ebucayi emkhakheni wezamabhizinisi kanye nasemkhakheni kahulumeni.
4) Ukuthathela abomthetho izinyathelo zokuqondiswa ubugwegwe/ ukubavulela amacala.

Umthelela: Bonke Abantu baseNingizimu Afrika Baphephile.
Umpfumela: Ukuncipha kobugebengu obuhleliwe
Izinhlelo Zokungenelela
1) Ukunciphisa ubugebengu bokwebiwa kwamakhebuli.
2) Ukunciphisa kokuthengiswa kwezidakamizwa ngokusetshenziswa kweQhingasulo Lokungenelela Ukubhekana Nenkinga Yezidakamizwa (i- Narcotics Intervention Strategy) kanye noHlelo Olukhulu lukaZwelonke Lokubhekana Nenkinga Yezidakamizwa (i-National Drug Master Plan).
3) Ukuncishiswa kwamaqembu ezigebebu zobugebengu obuhleliwe ezihleliwe kanye namaqembu ezigelekeqe (okubandakanya ukuqaliswa kweQhingasulo Likazwelonke Lokulwa Nezigelekeqe).
4) Ukwehlisa amazinga obugebengu obuhleliwe obubucayi ngokuphuthulwa ngempumelelo kwemiklamo yokuphenya amacala abucayi obugebengu obuhleliwe.

Umpfumela : Ukwanda kokuzizwa komphakathi uphephile
Izinhlelo Zokungenelela
1) Ukwehlisa amazinga obugebengu obubandakanya ukulinyazwa komuntu ngomunye.
2) Ukwehlisa amazing obugebengu abucayi.
3) Ukwanda kokubonakala kwamaphoyisa.
4) Ukwanda kokwethembela emaphoyiseni (umphumela).
5) Ukuqinisa izinhlelo zokuqapha nokuhlola (i-M&E) iziteshi zamaphoyisa kanye nemisebenzi yakhona.
6) Ukuqalisa nokuqapha iQhingasulo Lesifundazwe SaKwaZulu-Natali Lezokuphepha ngokusebenzisa izinhlelo ezihlonziwe zokuqaliswa kokusebenza kwalo.
7) Uhlelo lokulwa nokusetshenziswa kwezidakamizwa budedengu.
8) Ukuqalisa ukusebenza kweQhingasulo Lezokuphepha Emgwaqeni (okuhlanganisa nohlelo

Umphumela : Ukwanda kokuzizwa komphakathi uphephile

Izinhlelo Zokungenelela

Iwe-Hlokomela).

- 9) Ukuqinisa izinhlelo zobudlelwano nomphakathi.
- 10) Ukunabisela iKomidi Lokungenelela Elihlanganise Amaqembu Ehlukene Ezepolitiki, komasipala bezifunda kanye nabezindawo yokuxazulula izingxabano phakathi kwamqempu epolitiki kanye nezingxabano ezenzeka eqenjini lepolitiki ngalinye.
- 11) Ukuqalisa ukusebenza kohlelo lokulawulwa Kwemibhikisho Yomphakathi Ngokushesha.

Umphumela : Izizinda ze-inthanethi ezivikelekile

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukuhlomisa ngamandla namakhono okubhekana nobugebengu obumaqondana nezizinda ze-inthanethi kanye nokukhutha ezokuphepha kwezizinda ze-inthanethi.
- 2) Ukuqinisekisa ukuthi bayashushiswa labo abenza ubugebengu obumaqondana nezizinda ze-inthanethi.

Umphumela: Umpakathi ovikelwe, oqashelwe nophephe kahle

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukuqinisa izinyathelo zokwenza ngcono ukuphepha kwamachweba okungena, ukuqashwa kokuqiniswa komthetho emingceleni kanye nemvelo yasolwandle ngokulungiswa kabusha kwengqalasisizinda okuhlosiwe kanye nokuqhutshwa komkhankaso obizwa ngokuthi i- operation corona.
- 2) Ukuqaliswa kokusebenza kohlelo lwebhayomethriki emachwebeni okungena.

Umphumela : Ukubuyiselwa kwezaphulamthetho emphakathini

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukwandisa isibalo sabagilwa ababamba iqhaza oHlelweni Lokubuyiselwa Esimweni ngokumaqondana nezobulungiswa olubizwa ngokuthi i-Restorative Justice Programme.
- 2) Ukuqinisekisa ukuthi izaphulamthehto esezigwetshiwe zingena ohlelweni lokuhlunyelelwa kwezimilo.
- 3) Ukubuyisela izaphulamthetho emphakathini.

“Akumane kuzenzekalele nje ukuphepha nokuvikeleka, kepha kuba ngumphumela wokuvumelana ngokuhlanyanya kanye nokufaka isandla komphakathi. Kusezandleni zethu ukuba izingane zethu nezakhamuzi ezisengcupheni yokungakwazi ukuzisiza ziphile impilo enganadlame nokwesaba.” – Nelson Mandela

IMINXA EKUGXILWE KUYO EBANDAKANYA ZONKE IZINHLELO

Umthelela: Bonke Abesifazane, Amantombazane, Intsha kanye Nabantu Abakhubazekile Bazizwa Bephephile futhi Bathokozela Inkululeko kanye Nempilo Engcono

Umpfumela :-Ukuncishiswa kwamazinga okucwaswa nokubandlululwa kanye nodlame olubhekiswe kubantu besifazane, izingane, izaguga, kanye nabantu abakhubazekile, kanye nabantu abangaphansi kwe-LGBTQIA+

Izinhlelo Zokungenelela

- 1) Ukuhlanganisa kanye nokudidiyela ukuqaliswa kohlelo lwesu likazwelonke (i-NSP) olumaqondana nokuqeda udlame lwangokobulili.
- 2) Inqubekelaphambili ekunciphiseni udlame olubhekiswe kubantu abasengcupheni yokungakwazi ukuzisiza nababuthaka.
- 3) Ukwakha uhlelo lokuqinisekisa ukuthi abantu abakhubazekile bafinyelela ngokukhululeka kuzo zonke izinhlelo zobulungiswa
- 4) Ukuba khona kohlelo olumaqondana nokuvikela izingane, izaguga kanye nabantu abadala abakhubazekile ezikhungweni abahlala kuzo.
- 5) Ukuncipha kodlame olubhekiswe ezinganeni.



IZINDLELA EZINHLANU ZOKUQEDA UDLAME LWANGOKOBULILI

1 UKUHLONYISWA NGAMANDLA
Nangamakhono Kwamantombazane
Nabantu Besifazane.

2 UKUGUQULA IZINKAMBISO
kanye Nezimo Zengqondo Zomphakathi
ngokumaqondana Nobulili

3 UKUQHUBA IMIKHANKASO
Yokuqwashisa Emhlabeni Jikelele

4 UKUFUNDISA ABAFANA
Namantombazane

5 UKUGUQULA IZINQUBO
Zezobulungiswa, Izinhlelo Zezokunakekelwa Kwezempilo
kanye Nokubhekelelwa kwabantu Abakhubazekile



Ukudala Imakethe Eyodwa yase-Afrika

Uhlelo Oluseqhulwini 7: I- Afrika kanye noMhlaba Ongcono

Izifiso nentuthuko yesiFundazwe zihambisana nalezo ze-Afrika nomhlaba ophumelelayo Ukwakha 'i-Afrika Engcono kanye noMhlaba Ongcono' kuqala ngokuthi thina sizigqaje ngokuba ngama-Afrika, bese siba nentshisekelo yokuqhakambisa izwe lethu ngenkathi siqinisekisa ukuthi kunobuholi obuziphethe kahle nobusebenza ngempumelelo kanye nokuthi izidingongqangi zomphakathi zihlinzekwa ngempumelelo. Singama-Afrika sinombono owodwa ofanayo, oyi-Agenda yowezi- 2063 yeNhlango Yamazwe ase-Afrika, ngakho-ke kumele siqinisekise ukuthi ukubambisana kwamazwe

angaphakathi kwezwekazi kanjalo nokubambisana kwamazwe ngamazwe kusikhuthaza ukuba sisheshe sizuze le Afrika esiyilangazelela ngonyaka wezi-2063. IsiFundazwe kumele sibambe iqhaza elibonakalayo ezindabeni ezithinta i-Afrika kanye nomhlaba wonke jikelele.

UMTHELELA	A. ININGIZIMU AFRIKA ENGCONO
IMIPHUMELA	1. Ukwenyuka kwe- FDI.
	2. Ukwenyuka nokwehlukahlukana kwezimpahla ezithunyelwa kwamanye amazwe kube negalelo emnothweni ogxile ekuthunyelweni kwempahla kwamanye amazwe.
	3. Ukukhula komkhakha wezokuvakasha okuholela ekukhuleni komnotho.
UMTHELELA	B. I-AFRIKA NOMHLABA ONGCONO
UMPHUMELA	1. Ukwenyuka kokudidiyelwa nokuhwebelana phakathi kwezifunda.
	2. Ukwenyuka kokuhwebelana phakathi kwamazwe ase-Afrika.
UMTHELELA	C. I-AFRIKA ENGCONO
IMIPHUMELA	1. Ukuqaliswa kokusebenza kwe- Agenda 2030 ne-Agenda 2063
	2. Izikhungo ezahlukahlukene zamazwe ngamazwe ezilinganayo kanye nokwenganyelwa komhlaba wonke okuthuthukisiwe (Igalelo leKwaZulu-Natali).
UMTHELELA	D. IZWEKAZI ELINOKUTHULA NELIVIKELEKILE
UMPHUMELA	Ukufezekisa izivumelwano nezibopho zamazwe ngamazwe
UMTHELELA	E. UKUQINISA UHLELO LWE-AFRIKA ENGCONO NOMHLABA KUBO BONKE ABESIFAZANE, AMANTOMBAZANE, INTSHA KANYE NABANTU ABAKHUBAZEKILE EZIKHUNGWENI EZAHLUKAHLUKENE
UMPHUMELA	Ukuthuthukiswa kwezinhlelo zokuhlonyiswa kwabantu besifazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile nezinhlelo zokulingana ngokobulili ngokusebenzisa izithangami nezingxoxo ezahlukahlukene ngokunjalo nokuthotshelwa kwemithetho.

IMIPHUMELA KANYE NEZINHLELO ZOKUNGENELELA

Umthelela: INingizimu Afrika Engcono

Umphumela : Ukwenyuka kwe- FDI

Izinhlelo Zokungenelela

Umthelela: INingizimu Afrika Engcono
Umpumela : Ukwenyuka kwe- FDI
Izinhlelo Zokungenelela
Ukutholela imali imikhakha ehlonziwe emnothweni wesifundazwe.
Umpumela : Ukwenyuka nokwehlukahlukana kwezimpahla ezithunyelwa kwamanye amazwe kube negalelo emnothweni ogxile ekuthunyelweni kwempahla kwamanye amazwe
Izinhlelo Zokungenelela
Ukukhuthaza ukwenyuka kokuthunyelwa kwempahla kwamanye amazwe.
Umpumela : Ukukhula komkhakha wezokuvakasha okuholela ekukhuleni komnotho
Izinhlelo Zokungenelela
Ukubuyekezwa kanye nokuqaliswa kokusebenza kohlelo lwezokuvakashwa lwakaZulu-Ntali olubizwa ngokuthi i-KZN Tourism Master Plan.

Umthelela: I-Afrika kanye noMhlaba Ongcono
Umpumela : Ukwenyuka kokudidiyelwa nokuhwebelana phakathi kwezifunda
Izinhlelo Zokungenelela
Izinhlelo zokuhweba ezibizwa ngokuthi i-KZN Export Strategy.i- DSM, i-KZN Export Week African Inward and Outward Missions.
Umpumela: Ukwenyuka kokuhwebelana phakathi kwamazwe ase-Afrika
Izinhlelo Zokungenelela
1) Ukuqaliswa kokusebenza kwe-AfCFTA akanye neziinye izivumelwano zokuhwebelana ngenhloso yokukhulisa ukuhwebelana phakathi kwamazwe ase- Afrika.
2) Ukukhuliswa kokuhwebelana phakathi kwe-Afrika ngokusebenzisa iSivumelwano Sokuhwebelana Ngokukhululeka Kwezwekazi lase-Afrika (i-AfCFTA) nezinye izivumelwano zokuhwebelana.
3) Igalelo lekwaZulu-Natali ku-AfCFTA: Ukuphothula kokuhlanganiswa kanye Nokuqalisa ukusebenza kweQhingasu laKwaZulu-Natali Lokuthumela Impahla Kwamanye amazwe Ase-Afrika ukuze kuhambisane ne-AfCFTA.

Umthelela : I-Afrika Engcono
Umpumela : Ukuqaliswa kokusebenza kwe- Agenda 2030 ne-Agenda 2063
Izinhlelo Zokungenelela
Ukufaka isandla ekuqalisweni kweMiklamo ehamba phambili ehlonziwe ku- Agenda 2063
Umpumela : Izikhungo ezahlukahlukene zamazwe ngamazwe ezilinganayo kanye nokwenganyelwa komhlaba wonke okuthuthukisiwe (Igalelo leKwaZulu-Natali)
Izinhlelo Zokungenelela
1) Ukuqaliswa kweQhingasu elimaqondana nobudlelwano beKwaZulu- Natali Namazwe Ngamazwe.
2) Ukwesekwa kwamanyisa kwamanye amazwe.
3) Ukudidiyela kanye nokuqapha izinhlelo zoSizo Lwabaxhasi Abasemthethweni (i- ODA Funding).

Umthelela: Izwekazi Elinokuthula Nelivikelekile

Umpfumela: Ukufezekisa izivumelwano nezibopho zamazwe ngamazwe

Izinhlelo Zokungenelela

UKuqinisekisa ukuthotshwelwa kwezivumelwano kanye nezibopho zamazwe namazwe eziqakethwe ezivumelwaneni zeSifundazwe.

IMINXA EKUGXILWE KUYO EBANDAKANYA ZONKE IZINHLELO

Umthelela: Ukuqinisa uHlelo Lwe-Afrika Engcono Nomhlaba Kubo Bonke Abesifazane, Amantombazane, Intsha kanye Nabantu Abakhubazekile ezikhungweni ezahlukahlukene.

Umpfumela: Ukuthuthukiswa kwezinhlelo zokuhlonyiswa kwabantu besifazane, intsha kanye nabantu abakhubazekile nezinhlelo zokulingana ngokobulili ngokusebenzisa izithangami nezingxoxo ezahlukahlukene ngokunjalo nokuthotshelwa kwemithetho.

Izinhlelo Zokungenelela

Ukufaka izindaba ezimaqondana nabantu abasengcupheni yokungakwazi ukuzisisa nababuthaka eZivumelwaneni Zokusebenzisana Zamazwe Ngamazwe (ama-MoU).